# INDLOVUKAZI YASESHEBA

Asibe silokhu simile nje umzuzwana sisakhuleka, asikhothamise amakhanda ethu.

2 Baba wethu waseZulwini oNomusa, siyaKubonga ngalenhlanhla enkulu yokusondela esihlalweni saKho somusa futhi kulobubusuku, eGameni elenele konke likaJesu, iNdodana yaKho. SiyaKubonga ngenxa yokuthi sinesiqiniseko esiphelele ukuthi uma sicela noma yini eGameni laKhe, sizophiwa. Ngakho, baningi lapha kulobubusuku abadingayo, bayagula emzimbeni, abanye babo bayagula emphefumulweni, siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzohlinzeka konke abakudingayo, insindiso yomphefumulo wabo ngaphezu kwezinto zonke, bese kuba-ke ukuphulukiswa kwabagulayo, injabulo kulabo abadabukileyo, ithemba ngalabo abangenathemba. Siphe khona, Nkosi.

3 Futhi lapho inkonzo izakuphela kulobubusuku, futhi siya emakhaya ethu ehlukene, izindawo zokuhlala, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse ngalolosuku, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

4 Ningahlala phansi. Kuyinhlanhla enkulu ukubuyela lapha futhi, kulobubusuku, kuleliHholo elikhulu likaMasipala iLong Beach. Sekuyiminyaka eminingana selokhu ngaba lapha, cishe ngo '46 noma ngo '47, ndawondawo kanjalo. Ngikholwa ukuthi ngilandele inkonzo yenceku enkulu yeNkosi, uDkt. Charles Fuller, wayevamise ukuba ne-*Old Fashioned Revival Hour*, yayivamise ukuqala, futhi yaqalwa lapha, inceku enkulu yeNkosi. Ngiyezwa manje ukuthi akasenazo izinkonzo zakhe lapha. Ngangifuna njalo ukuhlangana noMfowethu Fuller, angikaze ngibe naleyonhlanhla enhle kakhulu.

5 Ngiyakhumbula ngingena eNingizimu Afrika cishe eminyakeni eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili edlule, izethameli cishe zabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi amahlanu. Nina, abanye benu bantu baseLong Beach, anisoze naqagela ukuthi bangibingelela ngani ngenkathi ngifika emsamo, becula cishe ngezilwimi eziyishumi nanhlanu ezehlukene, konke kuhlangana ndawonye: *UkuKhanya kweLanga laseZulwini*. Babecula elithi *UkuKhanya kweLanga laseZulwini*, engikholwa ukuthi kwakuyiculo lengqikithi kaDkt. Fuller lapha.

6 Futhi ngangicabanga njalo uma ngihlangana naye, ngingathanda ukumtshela lokho, ukuthi imilayezo yakhe yayehlele phansi yangena e, ezansi le eNingizimu Afrika.

Nalabobantu abayigugu babemthanda, futhi bengazi ukuthi ngingumMelika, bacula *UkuKhanya kweLanga laseZulwini*, noma *Ukukhanya kweLanga*, noma ngabe kuya ngaphi. Futhi babelicula ngezilimi eziyishumi nanhlanu ezehlukene ndawonye. O, awusoze...Kodwa konke kuhlangana nje ngokuphelele. UMoya oNgcwele, lapho abantu behlangana ndawonye nothando lukaNkulunkulu luqala ukuhamba phezu kwabo, akukho kushayisana, konke nje kunguMzimba omkhulukazi owodwa, uhamba ndawonye.

7 UDkt. F. F. Bosworth, ongomunye wezimenenja, wama nje, wahola ukuvumelana amaphimbo ekuculeni, wayethatha iDowie, ibhendi yamalunga angamashumi ayisikhombisa nanhlanu eMadison Square Garden ngezinsuku zikaDkt. Alexander Dowie, futhi wathi wayeqeqeshe ikhwaya, futhi ubuyotholela umuntu othize amanothi ayisishiyagalombili ambalwa ama-octaves, noma ngabe ukubiza ngokuthini, phezulu, nokunye okuphansi kakhulu, kodwa wathi kulabo bahedeni abaluhlaza, abomdabu boblankethe, babengazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, futhi bona belwa bodwa, badingeka ukuba babehlukanise ngezizwe, nokho babengaphumile nge-octave eyodwa nhlobo, wonke umuntu ehlangana ndawonye ngqo, *UkuKhanya kweLanga laseZulwini*.

8 Uma noma ubani azi uMfowethu Fuller, mtshele wenzele mina. Angicabangi ukuthi ngiyo...ngingahle ngingalokothi ngikwazi ukumbona, uyindoda ematasatasa, futhi angithandi ukuthatha isikhathi, kodwa ngempela bekungamxhuxhumisa.

9 IVangeli, futhi nokho ebululeni balo ngokuheha abantu kakhulu okukhulu kunakho konke izwe elake lakwazi. UJesu wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, "Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi." Omnyama, omhlophe, ophuzi, onsundu, noma ngabe umbala wabo noma uhlanga luyini, iVangeli lisalokhu liphethe isikhungo sokuheha kuwo wonke owesilisa nawo wonke owesifazane.

10 Futhi ngiyakholwa ukuthi amabandla ethu afanele nje aqhubekele phambili kancane eVangelini kunalokho esiyikho. Ngicabanga ukuthi sinikela ngalokho, ngiyakholwa, futhi uma nginephutha, ngikhulekela ukuthi iNkosi inngithethelele, ngicabanga ukuthi sizama ukubheka emuva kakhulu ukubona ukuthi omunye umuntu wenzeni, noma washo, esikhundleni sokubheka phambili kuKristu, UnguMholi wethu.

11 Eminyakeni engamakhulu ambalwa edlule, ngingahle ngibe nephutha kulesisicaphuno, kodwa bengingathi eminyakeni engamakhulu amathathu edlule, ngikholwa ukuthi kwakungusosayense eFransi owazama ukuthatha ibhola futhi alizungelezise emhlabeni, noma *enye into ethize enye*, kungahle ukuba kwakukade kuyiminyaka eyikhulu namashumi amahlanu eyedlula, walizungelezisa umhlaba futhi, ngejubane,

futhi washo uma noma iyiphi imoto emhlabeni iyoke ihambe ngejubane elesabekayo lamamayela angamashumi amathathu ngehora ukuthi amandla adonsela emhlabeni ayolahlekelwa ukubamba kwawo, iyosuka ngqo emhlabeni. Manje, lokho kwafakazelwa ngokwesayense ngalolosuku. Nicabanga ukuthi noma iyiphi isayensi ibingabuka emuva, bese ithi . . . kulokho na? Impela ngeke. Ngiyabona lapho sebethole khona ibhanoyi manje, ngiyakhohlwa, cishe amamayela ayizinkulungwane ezinhlanu ngehora kwamanye. Futhi abami ngisho nakulokho, balokhu beqhubeka, baqhubeke.

12 Kodwa thina maKristu, nathi befundisi basesontweni, nabefundisi, sizama ukubuka emuva esikoleni sethu futhi sibone ukuthi uMnu. Moody wathini ngakho, uMnu., lokho uMnu. Sankey akusho, noma—noma uFinney, noma uKnox, noma uCalvin, noma yimuphi walabo. Manje, babengamadoda amakhulu osukwini lwabo, kodwa, niyabo, njalo sibuka emuva, ake sibuke phambili. Niyabo? Sithole izinsiza ezingasetshenzisiwe.

13 Futhi manje, isayense ingakhwela kuphela *phezulu kakhulu*, khona-ke bafanele bahambe, babuyele emuva, umuthi wokwazi uveza kuphela *okungaka*, okwabekwa phambi kwethu ensimini yase-Edene. Futhi isidalwa esingumuntu sithambekele ekuphileni kulowo muthi wokwazi, kodwa kwakungesilo neze icebo likaNkulunkulu ukuba siphile ngalowomuthi wokwazi. Isikhathi sokuqala umuntu adla ngaso emthini wokwazi, wehlukanisa inhlanganyelo yakhe noNkulunkulu. Njalo lapho eluma kulowomuthi, uyazibhubhisa, ngokuqhubekayo. Waluma iziqhumane, bukani ukuthi lokho kwenzani, kubulala umngane wakhe; okuncanyana ezimotweni, lokho kubulala ngaphezu kweziqhumane; manje unebhomu le-atomu, nelehayidrojini, esadla kulowomuthi wokwazi okungukuthi, ekugcineni, uzombuyisela emuva esiphethelweni sakhe.

14 Kodwa uMuthi wokuPhila awushiyayo, ngamabomu, ukuba adle emthini wokwazi, khona-ke yilapho ehlala yedwa khona. Ngikholwa ukuthi isayense manje . . .

15 Ngahlolwa ngokunye kwalezozivivinyo zamamitha ezingalweni zakho mayelana nalokhu kuKhanya, iNgelosi yeNkosi. Nesithombe sesayense sathathwa saKho, ninaso khona lapha manje, sithathwe emhlabeni wonke ezindaweni ezehlukene, isithombe seNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli, safakazelwa ngokwesayense. UGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI yokuthola imilobo yeminwe nokwenza incwadi, niyabo, wasihlola ukubona ukuthi sasiqinisile yini, wathi, “Akusiyo isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo,” wathi, “iso lomshini lekhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.”

16 Manje, esikhundleni sokuqhubekela phambili futhi sibone ukuthi uNkulunkulu wethembisani, sibuka emuva futhi sibone ukuthi omunye umfowethu emva kwethu wathini, masingabheki emuva, sibheke phambili, silokhu siqhubeka, siqhubeke. Sinezinsiza ezingasetshenzisiwe, uJesu washo kuMarku oNgcwele 11:23, "Noma yini—yini-. . . Uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo." Akukho—akukho mibandela, ku—aku. . . akunamkhawulo nje. "Konke enikufisayo, nxa nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela, niyakuba nakho," noma yini, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ukujabula, ukuthula, noma yini.

17 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, ukuba-ke besingacela into ethize e. . . ukuba kuthathwe impilo yomunye umuntu, noma into ethize embi." Awu, ubungeke ngempela ube nokukholwa kobuKristu ngento enjalo, kuthatha umoya wamaKristu ukucela izinto zobuKristu, ukwemukela izinto kuKristu. Ufanele ube. . .

18 Khumbula njalo, bandla, amaZwi kaNkulunkulu aqinisile. Ngikholwa ukuthi isimo somqondo esilungile ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu siyosifezekisa, uma ungakubuka ngendlela efanele.

19 Kodwa khumbulani, lapha bekungumgomo wami—wami empilweni, ngizamile ukwenza lokhu: Into yokuqala, ngifuna ukuthola ukuthi ngabe kuyintando kaNkulunkulu noma qha, khona-ke—khona-ke ngiyazi ukuthi kuyintando kaNkulunkulu; into elandelayo, yimpokophelo yami kukho, nenhloso yami ekukwenzeni; khona-ke uma kuyintando kaNkulunkulu, nempokophelo yami ilungile, nenhloso yami ilungile, nginokukholwa ukuthi kuzokwenziwa. Ngoba, kuqala, kuyintando kaNkulunkulu, futhi ngine. . . nempokophelo yami ngukuMkhazimulisa, nenhloso yami ngukuMnika yonke inkazimulo. Niyabo? Ngakho azikho izinjongo zobugovu ngakho, uma unenjongo yobugovu ngeke kusebenze. Uma impokophelo yakho ingukuzenzela imali, noma okuthize, ngani, awusoze waphumelela. Bese-ke uzama ukwenza into ethize engaphandle kwentando yeNkosi, khona-ke ngeke kusebenze kwasekuqaleni.

20 Ngakho kukhona ukukholwa kwangoqobo, kodwa ufanele ungene emgudwini wangempela kaNkulunkulu ukuba ube nalokho kukholwa kwangoqobo. Kukhona ukukholwa komuntu, khona-ke kukhona ukukholwa kukaNkulunkulu, futhi ufanele ube nokukholwa kokumesaba uNkulunkulu ukuba ukholwe, hhayi. . . Khona-ke ukuba nokukholwa kokumesaba uNkulunkulu, ufanele ube nomqondo kaKristu kuwe, khona-ke yileyondlela uNkulunkulu aninika ngayo imibono, izambulo,

nazo zonke lezizinto, kufika ngomqondo kaKristu ekuwe. Niyakuthola na? "Mawube kini lowomqondo owawukuKristu."

21 Awu, kuyangixhuxhumisa, kulobubusuku futhi, ukusho ukubuyela lapha eLong Beach emva kweminyaka eminingi. Ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukungena lapha, kwakukhona konke ukungabaza ngenkonzo, bengizoba cishe ngedwa kuphela ensimini ngalesosikhathi nginemikhankaso yokuphulukisa. Ngiyakhumbula ukuthi kwakugxekwa kanjani. Futhi ngiyabukhumbula ubusuku ngenkathi ngisuka lapha, futhi ngalalela umlayezo oxhuxhumisayo kaDkt. Fuller, ngahlala khona lapha phandle ngaleyontambama futhi ngezwa owakhe omkhulu, oshukumisayo, umlayezo wokufundisa onamandla.

22 Ngizibonile izethameli zakhe zihamba, abantu abakahle, abahlakaniphile, ababukeka kahle, abantu abahlanzekile, ngibabone bonke bephuma endlini, lezo kwakuyizethameli zakhe, manje nakhu kungena esami, sigqoke amajakhethi ezinhlanya, izihlalo ezinamasondo, mm! Ngacabanga, "Leyo yinto encane ehluke kakhulu ekumelaneni nalokho, ukukholwa kwakho," niyabo, sifanele sazi. Kodwa kwakuyinselelo eZwini likaNkulunkulu uNkulunkulu alethembisile ukuthi Laliqinisile, futhi Uyoma emva kwalo. Emhlabeni jikelele ngibe naloMlayezo, akukaze nakanye uNkulunkulu ake ahluleke.

23 Futhi emva cishe kweminyaka eyishumi nane selokhu ngibe phakathi lapha, ngiyama, kulobubusuku, nomlayezo ofanayo oya eLong Beach, wenganginakho ngenkathi ngifika lapha: "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Aka—Akanciphile nakancu, Akakaze engehlulekise. Ngike ngama phambi kwezinyanga-bathakathi nodeveli, futhi, bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu futhi bebiza udeveli, futhi baphonsele inselelo phansi ngqo, futhi angikaze ngibone nesisodwa isikhathi lapho inselelo eyake yenziwa khona ngaphandle kokuthi uNkulunkulu anyakaze enkundleni futhi wenze into enkulu. Ngi—ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu, kulobubusuku, ukuba nikholwe iNkosi uJesu.

24 Sibe neviki elikhulu, noma, amaviki amabili, noMfowethu Buntain we-Assembly of God Church lapha edolobheni. Ngifunde ukuthanda uMfowethu Buntain njengoba umfowethu engathanda kuphela omunye. Bengingamazi neze ngenkathi ngingena lapha, ngangizwile ngoyise oyiqhawe eCanada, oyindoda enkulu, inceku kaKristu. Ngase-ke ngihlangana nomfowabo, ngaba naleyonhlanhla; ngihlangane nabanye abazalwane lapha futhi ngahlanganyela nabo. Ukucula okumnandi, abefundisi abakahle, inenekazi elincane elisanda kucula nje, uNkk. Piper, ngikholwa ukuthi igama lakhe yilo, iphimbo elithandeka kakhulu, bekufanele kuhambe ngaso sonke isikhathi kuKristu, ndawo zonke, zonke lezizinto

zifanele zisebenze lapho okuleyithi kancane kunoma ucabanga. Ngikholwa ukuthi siseduze ne . . .

25 Ngabe ngimi ngisondele kakhulu kumbhobho na? Niyangizwa kangcono uma ngihlehla kanje na? Ngabe lokho kungcono na? Kulungile. Angi, ngifuna nizwe engikukhulumayo, kodwa angifuni ukuba nephimbo lami liphinde libuye. Manje, ukuzwakala komsindo lapha ngokuvamile kuhle kakhulu, kwakungokokugcina ukuba sibe lapha.

26 Ngingathanda ukubuya ngesinye isikhathi, uma kuzothokozisa uNkulunkulu, intando kaNkulunkulu, futhi kuthokozisa kubantu, futhi mhlawumbe sithola indawo enjengalena, esikhundleni nje sokuba nebandla elilodwa ekuxhasweni, sibe nabo bonke bekuxhasa, bese kuthi-ke besingeza lapha ukuba sibe nomhlangano obanzi. Ngizokhuleka kuze kubekulokho kuphela uma nizokhuleka ngokufanayo. Bese kuthi-ke—kuthi-ke mhlawumbe besingakubeka kude ngokwenele ngaphambi kwesikhathi kuze kuthi, singathola abaphatheli abayigugu, kumbe noma ngabe ubani, ababonisi balelihholo elikhulu manje, ngokuthi bakha elibanzi kakhulu phandle lapha, ukuthi besingalisebenzisela umhlangano wezinsuku eziyishumi ngesinye isikhathi, noma okuthize. Ngikholwa ukuthi bekungamangalisa ukuza; noma yini engaba ngukuthokozisa, noma ukwenzela uNkulunkulu okuthile.

27 Futhi manje, ngenkathi ngibalula emizuzwaneni embalwa edlule i-Assemblies of God, manje lelo yibandla elilodwa nje lehlelo. Asi . . . Ngokwami, njengoba wonke umuntu azi, ukuthi ngagcotshwa cishe ngineminyaka engamashumi amabili nanye ubudala, futhi lokho sekube yiminyaka engamashumi amathathu nanye eyedlula ebandleni iMissionary Baptisti; engingenakho okubi engingakusho ngebandla leMissionary Baptisti, kumbe noma yiliphi elinye ihlelo.

28 Ngithathe lokhu ukuma, ukuthi uma ibandla eliKatolika, iKatolika, iRoma eliKatolika, noma ibandla lomthetho, kumbe noma angaba yini, uma ebheke ebandleni eliKatolika ngensindiso, umuntu ulahlekile; uma iBaptisti ibheke ebandleni leBaptisti insindiso, ilahlekile; uma iPentecostal ibheke ebandleni lePentecostal insindiso, ilahlekile, kodwa uma iKatolika, iPentecostal, noma iBaptisti, iPresbyterian, kumbe noma yini, uma ethembele ngesizotha kuJesu Kristu, usindisiwe, ngoba usindiswe ngokukholwa, futhi lokho ngomusa. Niyabo?

29 AmaKatolika angasindiswa, amaBaptisti angasindiswa, amaPentecostal asindisiwe, ngenxa yokuthi sonke semukela lokho uKristu asenzela khona. Kunjalo. Kungukukholwa kwethu uqobo emsebenzini osuqediwe uKristu asenzele wona, ngakho-ke angikaze ngidwebe umngcele wehlelo noma ngibe nesithiyo, ngizamile ukwelula isandla, ngithathe bonke

ngezingalo zami bese ngibakhomba esiphambanweni, manje, futhi lokho ngukuthi:

Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho eliligugu
Alisoze lalahlekelwa amandla alo,
Kuze kube yiBandla likaNkulunkulu elihlengiwe
Lisindiswe ukuba lingabe lisona.

Selokhu kwaba ngokukholwa ngabona lowomfudlana,
Amanxeba akho agelezayo ahlinzekiwe,
Uthando oluhlengayo lube yingqikithi yami,
Futhi kuyoba njalo ngize ngife.

30 Leso ngesami—leso yisiqubulo sami, ngingahle ngisho, bese kuthi-ke okulandelayo: UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

31 Ngiyanibonga nonke ngawo wonke umusa wenu nesihawu, nezandla zenu eziphanayo eningixhawule ngazo, ne—nezinto ezinomusa enizenzile, nezincwadi zenu izincwadi, futhi siphendula nje ngokukhulu ukushesha esingakwenza. Nezindwangu zomkhuleko ezincane engizikhulekele, eziningi zazo angikazikhiphi okwamanje. Futhi uma uyifuna, imahhala ngokuphelele, vele ungibhalele eJeffersonville, Indiana, futhi ngizokuthumelela eyodwa. Nje uma u. . .Post Office Box 325. Kodwa uma ungakwazi ukukhumbula lokho, nje iJeffersonville, e-Indiana, yidolobha elincane, cishe lezinkulungwane ezingamashumi amathathu-nanhlanu, neposi lethu likhulu.

32 Manje, angizami ukuthola ikheli lakho ukuba, ngokuba anginazinhlelo nhlobo, anginalutho, akukho zinhlelo. Sinezincwadi, kodwa lezozincwadi, sizithenga komunye umuntu ukuziletha emhlanganweni. Anginamsakazo, anginathelevishini, anginalutho olunye. Angibophezelekile kunoma yini noma-muntu kodwa uNkulunkulu yedwa. Niyabo? Ngingaya ebandleni, elincane noma elikhulu, angidingi ukuba nayinoma yiliphi inani lemali, akukho lutho olukhonjiwe.

33 Ngineminyaka engamashumi amahlanu nanye ubudala, bengishumayela iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Kunjalo. Ngi—ngi. . .Akukho-mali ehhukeke kukho nhlobo. Abantu banginika izinto ezincane ukuze ngikwazi ukuphila ngazo, futhi ngisize ngesekele inkonzo, ethakaselwayo, lokho kungena enhlanganweni ebandleni lami. Mina uqobo, ngithola amadola ayikhulu ngeviki okokuziphilisa, futhi ngaphandle kwalokho, awu, yilokho kuphela enginakho, futhi yilokho kuphela engikudingayo.

34 Futhi a—angikholwa ukuthi iVangeli likaKristu lake lenziwa ukuba lenze ibhizinisi, ngikholwa ukuthi akumele kwenziwe.

Futhi angikholwa ukuthi—ukuthi izinceku zikaKristu zifanele zizame ukuba ngumbukisi, ngikholwa ukuthi bafanele bathobe, bathathe indawo kaKristu, Lowo thina, ukuPhila kwaKhe kithi, kumele Yena emphakathini.

35 Manje, sithola ukuthi Wathi, "Izimpungushe zinemigodi nemigodi, nezinyoni zinezidleke; kodwa iNdodana kaNkulunkulu ayinandawo yokuqamelisa ikhanda laYo." Wayengadingekile ukuba abe ngaleyondlela. Ngicabanga ukuthi iZwi elimnandi kunawo onke eBhayibhelini, elinye lawo, "Baba, NgiyaZingcwelisa ngenxa yabo." Wayenelungelo lokuba nenkosikazi, Wayenelungelo lokuba nekhaya, Wayenelungelo e—ezinjabulweni zokuphila, njengoba sinakho, ukunethezeka kwempilo okungenani, kodwa WayeZingcwelisa ngoba Wayeqeqesha amadoda ayishumi nambili ayezoshukumisa izwe ngeVangeli. Futhi uma Wayengenza lokho, sifanele sizingcwelise kakhulu kangakanani na? Impela.

Manje, ake sithi, izwi elilodwa nje futhi kuYe. Ngaphambi kokuba sisondele eZwini loMqalisi, asisondele kuYe kanye futhi ngomkhuleko.

36 Nkosi, LiyiZwi laKho, sikhulekela ukuthi UzoLenza libe yilo ngempela kithi kulobubusuku. Manje, siyazi ukuthi kulotshiwe, ukuthi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Futhi njengoba sifunda iZwi laKho, siyazi ukuthi aLizukwehluleka. Amazwi ethu azohluleka ngoba singabafayo futhi singabanesiphelo, kodwa Wena ungongenasiphelo, nongafi, uNkulunkulu oPhakade. Futhi njengoba ngisondela eZwini laKho, ngisondela kulo phansi kwalolohlobo lokukholwa, ukuthi amaZwi aKho angehluleke. Futhi uma ngifunda leliZwi, khona-ke uma abantu ababuthene lapha kulobubusuku beya ekhaya, okungenani bangasho ukuthi bezwa okuthile okuPhakade, ngoba KwakuyiZwi laKho.

37 Manje-ke, Baba, uma iVangeli lingafikanga ngokuzwa iZwi kuphela, ukukholwa kwafika ngalokho, kodwa iVangeli lalizobonakalisa, noma libonise, amandla kaMoya oNgcwele aseZwini. Ngokuba, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." Khona-ke siyafundiswa ngale eNcwadini yamaHeberu ukuthi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika lahlukanisa, kuze kuyofika ngisho nasemnkantsheni wethambo, neZwi likaNkulunkulu lingumaHluleli wemicabango yenhliziyo.

38 Izizindlo zenhliziyo yethu nengqondo, iZwi likaNkulunkulu lingakwembula, ngoba uKristu ophilayo, OyiZwi eliphilayo, ungena emphefumulweni wethu ophilayo, wembula imfihlo yenhliziyo, ngokuba UyiZwi. IZwi malikhulume, Baba,

nokuzindla kwenhliziyo yethu kwamukeleke kuWe, O Nkosi. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

39 ENcwadini yeVangeli likaMathewu oNgcwele, isahluko 12, ivesi 42, sizofunda lokhu kube ingxenye, e, okwendikimba:

> *Futhi inkosikazi yaseningizimu iyaku*sukuma *ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emi*khawulweni *yomhlaba izokuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.*

40 UJesu, ekufundweni kwangaphambilini kwalapha, ngifisa sengathi lapho usuye ekhaya, ukufunda lesisahluko esikhazimulayo, noJesu wayekade ebathethisa futhi ebasola, ngoba babengaMkholwanga. Wafika, Wathi, eGameni likaYise, futhi abaMemukelanga, Wathi, "Omunye uyofika ngegama lakhe uqobo, khona-ke niyakumamukela." Futhi kunjalo.

41 Siyafika futhi senze amabandla ethu futhi sibe namahlelo ethu, futhi ba. . . usulungele ukuthi, "Yebo, ngi—ngi—ngi—ngingoweBaptisti, iPresbyterian." Wemukela lokho kalula, kodwa ukwemukela uJesu, e-e, abaMfuni.

42 Manje, Wathi, "Ngiyeza." Futhi ngenkathi Esefikile, abantu abaMqondanga, Wafika ngayo impela nje indlela umBhalo owasho ngayo ukuthi Uyofika. Wafika futhi WayenguMesiya ongumJuda. Futhi hhayi uMesiya ongumJuda kuphela, WayeyiNzalo ethenjisiwe ka-Abrahama, ukuthi silithathe kanjalo iviki lokutadisha, futhi, ngale ebandleni. Futhi Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga.

43 Futhi Wayeziveze Yena uqobo kwabaKhe uQobo. Futhi Wafika ku-Israyeli, okwakuyi—ibandla likaNkulunkulu, nabantu bakaNkulunkulu, nesizwe sikaNkulunkulu, "Futhi Weza kwabaKhe uQobo nabaKhe uQobo abaMemukelanga, kepha bonke abaMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu labo abakholwa eGameni laKhe."

44 Manje, sithola ukuthi kwakukhona izigaba ezintathu zabantu. Siphuma emadodaneni amathathu kaNowa: uHamu, uShemu, noJafete; futhi kwakukhona, lelo kwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya.

45 Uma niqaphela, uPetru, ngesambulo, wanikwa izihluthulelo zoMbuso, ngoba uNkulunkulu wayazi ukuthi wayenesambulo somBhalo, ngokuba Wababuza bonke abafundi baKhe, "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

Futhi omunye wathi, "Ungu-Eliyase."

Nomunye wathi, "Ungumprofethi."

Futhi omunye wathi, "UMose."

Wathi, "Kodwa Ngibuza nina, nithi NginguBani na?"

Futhi uPetru wathi, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

46 NoJesu wathi, “Ubusisiwe wena, ndodana kaJonase, inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini.” Niyabo, kwakuyisambulo. “Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule.” Niyabo? Kwakuyisambulo esiqondile esasenziwe saziswa kumphostoli, ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

47 Manje, uma iBandla likaNkulunkulu lisekhona, khona-ke labo abaseBandleni ungene lapho ngesambulo sokomoya, ngoba singena kanjalo-ke eBandleni. Kodwa abaningi bethu bazama ukungena ngesayense yezenkolo yemfundiso, no*kuthi-kanje*, futhi kulungile, engingakhulumi lutho ngokumelana nalokho, kodwa ngizama ukwehlukanisa phakathi kwalokho okuyiqiniso *ngempela*, nalokho okuyiqiniso i*ngxenye*. Isambulo uNkulunkulu asembula kuwe ukuthi Leyo yiNdodana yaKhe Eyafa esikhundleni sakho, khona-ke leso yisambulo, ukuthi UnguBani.

48 Manje, uJesu wayefikile futhi Wayefakazisile kubantu ngazo zonke izindlela umBhalo owawuthe, ukuthi WayenguMesiya owaye. . . babebheke ukuza. Manje, abaningi babo babedonse umqondo oyiphutha wokufika kwaKhe, futhi yingalesosizathu Engaqondwanga kahle. Ngiyaxolisa ngesisho, kodwa yingalesosizathu kulobubusuku Engaqondwa kahle, badonsa umqondo oyiphutha walokho Ayikho.

49 Manje, ngiyakholwa ngenkathi ngisami lapho, ngimzwile umngane wami lapha, efunda umBhalo wokusho ukuthi izindikimba zomkhankaso njalo zingukuthi, “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, phakade,” wacaphuna amaHeberu 13:8 ukuthi “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

50 Manje, ngenkathi Efika bona, i—iqembu elikhulu lika-Israyeli ngempela lalivuleke gengelezi amehlo libheke uMesiya, kodwa babeMbheke ngendlela ababefundiswe ngayo ukuthi Wayezofika. Awu manje, noma yimuphi omuhle, ocabanga ngokukamoya, noma ngisho nomuntu ocabanga ngobuhlakani, wayezokwazi ukuthi Akafikanga ngokuphambene nemiBhalo, Ufika ngokuphambene no*kuqonda* kwabo imiBhalo, hhayi okuphambene nemiBhalo, kodwa babekade befundiswe ngothisha babo ngendlela yokuthi othisha babe—babenomqondo oyiphutha ngaYe.

51 Futhi kwangathi ngingelimaze imizwa ngokusho lokhu, kodwa mhlampe kungaba ngaleyondlela futhi. Niyazi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Cishe Uzofika ngokwehlukile kancane kunalokho esiMlindele ukuba afike. Leyo kuphela i—ingqondo, enengqondo, indlela yokusondela emcabangweni onjalo, bengingakholwa, ngalolusuku.

52 Manje, sizobona-ke ukuthi ngenkathi Efika, uMesiya wayefanele, ngokomprofethi uMose, okwakunguye ngempela owabikezela ukufika kwaKhe futhi wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Manje, noma yimuphi usiyazi wezenkolo okahle wayeyokwazi ukuthi lowoMesiya wayefanele abe ngumProfethi, noma ezaKhe— noma ezaKhe izingxenye ezingehlukaniseki ezaMlandela ziyoba ngokwesiprofetho, ngenxa yokuthi u-Israyeli wayehlala njalo eyalwa ukuba akholwe abaprofethi babo, babeyokwenza njalo.

53 Kodwa sifanele sidonse lokhu ngaphansi kokunakwa, futhi, ukuthi akusibo bonke abangeza kuKristu, ngokuba Wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Bukani izigidi ezemukela . . . ezingaMemukelanga ngalolosuku, nedlanzana elaMemukela. Manje, ake sikubeke lokho ngaphezulu namhlanje, futhi sikubuke ngokuqondile ngendlela okufanele kube ngayo.

54 Manje, siyabona lapho Efika ukuthi Wenza isibonakaliso sikaMesiya. Futhi njengoba izikhathi eziningi iviki lonke sizamile ukuveza lokho futhi sikubonise sikuphinda, futhi sikuphinda, futhi sikuphinda, kusukela le kuGenesisi kuya eSambulweni sikutholile. Ngabe kunjalo, klasi, kuleliviki na? Lokho uMesiya ayoba yikho . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

55 . . . sagcotshwa . . . Umprofethi njalo uneZwi leNkosi, umprofethi weqiniso. Niyabo? Umprofethi washo ukuthi "Banamehlo, futhi ababoni," abakwazanga ukubona izimangaliso, "banezindlebe, futhi abezwa." Niyabo? U-Isaya washo njalo, ngakho siyazi-ke ukuthi—ukuthi babefanele babe ngaleyondlela. Akusikho ukuthi uNkulunkulu wayekuhlosile ukuba kube ngaleyondlela, kodwa ngokwazi kwaKhe ngaphambili Wayazi ukuthi kuyoba ngaleyondlela, ngokuba Ungongenasiphelo.

56 Ngakho uma Engongenasiphelo, Wayazi ukuphela kusukela ekuqaleni. Futhi yingalesosizathu Wayekwazi ukubikezela ukuphela kusukela ekuqaleni, Wayazi ngoba WayenguNkulunkulu. Futhi uma Engesuye ongenasiphelo, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Kodwa siyazi ukuthi Ungongenasiphelo, futhi thina singabanesiphelo. Sithola izinto zixoveke kakhulu, futhi sizixazulule kakhulu ukuthi silungile, khona-ke uNkulunkulu nengqondo yaKhe engenasiphelo nje ugibela kude kakhulu phezu kwe . . . "Imicabango yaMi iphakeme kunemicabango yenu," kwasho uNkulunkulu, niyabo. Izindlela zaKhe ziphakeme kunezindlela zethu, ngakho-ke sifanele sizithobe endleleni yaKhe.

57 Manje, sizwile ngazo zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo, sizwile ngo-Elija, sizwile ngezintombi oMariya ezweni

lonke, futhi sizwile ngazo zonke izinhlobo zemizwa nakho konke kanjalo. Okungukuthi a—angikho lapha ukukhuluma ngokumelana nalokho, ngilapha ukusho ukuthi noma yiyiphi iNgelosi kaNkulunkulu, kumbe noma yisiphi isithunywa sikaNkulunkulu, sifanele sihlale ngokuqinile eZwini likaNkulunkulu.

58 EBhayibhelini elidala babenendlela yokuthola ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha. Babenakho emithethweni yabo kaMose babenalokho ababekubiza ngobupristi buka-Aroni, bese-ke kuba ubupristi bukaLevi, njalo, no-Aroni wayengumpristi omkhulu ethwele isifuba-. . . esifubeni sakhe, amatshe okuzalwa ngakunye kokhokho.

59 Balengisa lesosivikelo sesifuba phezulu, kwase kuthi-ke sabizwa nge-Urimi neThumimi, futhi lapho umprofethi eprofetha, uma eya kwi-Urimi neThumimi, futhi washo isiprofetho sakhe, noma washo iphupho lakhe, nokuthi iziNkanyiso ezingaphezu kwemvelo azizange zibonise emuva ezibumbathweni zeziNkanyiso, khona-ke, angikhathali ukuthi kuzwakala kahle kanjani, kwakuyiphutha, bakwenqaba. Bonke othisha abahle bayakwazi lokho, ukuthi ba—bakwenqaba, kwakufanele kufakaze nge-Urimi neThumimi. Futhi manje, kusobala ngenkathi lobobupristi buphela, khona-ke kwabakhona obunye ubupristi obungenayo okungukuthi, ngokokuma kukaMelkisedeki.

60 Manje, manje namhlanje asinawo amatshe okuzalwa okhokho, kodwa sinayo i-Urimi neThumimi, naleyo yiBhayibheli likaNkulunkulu. UJesu wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula." Futhi eNcwadini yeSambulo, okuyisambulo sikaJesu Kristu, Wathi, "Uma noma ubani ezokwenezela ku, noma asuse kuLo, okufanayo kuyosuswa, isabelo sakhe, eNcwadini yokuPhila." *Lena* yi-Urimi neThumimi.

61 UJoseph Smith wahlangana nengelosi, kwakungesikho ngokomBhalo. Manje, uma noma yiyiphi ingelosi, kumbe noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu, *Lesi* yisambulo esigcwele sikaJesu Kristu, ngakho-ke hlala naSo.

62 Khona-ke uJesu Ezazisa kubazalwane baKhe ngokukhuluma noSimoni, futhi emtshela ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani, uSimoni waqonda, masinyane, ukuthi WayenguMesiya. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wayazi ukuthi leyonto yayizokwenzeka kanjalo na? UJesu washo njalo, Wayebazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngakho, noNkulunkulu wayebabizile.

63 Manje, ngenkathi uNathanayeli efika, naye wayenjalo, njengoba ngizwe umfowethu lapha ekhuluma emizuzwaneni embalwa edlule, lokho kwafakazelwa, noNathanayeli eyindoda

yangokomBhalo, wayazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ukuthi uMesiya wayezokwenzani. Owesifazane emthonjeni, njengoba ebhekisele kukho. Zingaki futhi izikhathi na? UZakewu phezulu esihlahleni, eMcashele. Wama ngqo ngaphansi kwesihlahla, wayesethi, "Zakewu yehla; Ngiya ekhaya nawe okwedina." UBartimewu oyimpumputhe wehlela esixukwini, nabo beMjikijela ngezinto, futhi bedazuluka, futhi behlekisa ngaYe, nokho ukukholwa kwakhe kwaMmisa, futhi akuMmisanga kuphela, kodwa kwaphulukisa indoda. Owesifazane wathinta umphetho wengubo yaKhe, wayesesuka wayesehlala phansi, Wathi, "Ukhona oNgithintile." Nomphostoli waMkhuza ngokusho iZwi elinjalo. Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane, futhi wamtshela ngomopho wakhe futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Niyabo? Kwakuphelele, isibonakaliso sikaMesiya, futhi bala ukusiqonda.

64 Manje, imibango yami ingukuthi, yilokhu okusemBhalweni, ukuthi We—Wenza lezozibonakaliso phambi kokubili iJuda nomSamariya, kodwa hhayi kwabeZizwe, hhayi kanye, ngoba abeZizwe wayengabheke Mesiya. Kodwa ngabe singamaKristu abeZizwe, kulobubusuku, sibheke uMesiya na? Wasethembisa kuLuka, Washo ukuthi lapho sesibone isibonakaliso saseSodoma, yileyondlela okwakuyoba ngayo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Niyakukhumbula lokho na? Kanjani lowoLoti ezansi lapho, ikholwa elithiyeka emnceleni ezansi eSodoma, ilunga lebandla, konke kuxoveke nezwe nesayense yakhe yezenkolo konke kuxovekile, kodwa kwakukhona uBilly Graham wesimodeni owehlela lapho, futhi bashumayela iVangeli, futhi bakhipha uLoti nabo.

65 Kodwa u-Abrahama wayesevele ephumile. Igama elithi *ibandla* lichaza, "ababizelwe ngaphandle," iqembu elibizelwe ngaphandle. Ngamany'amazwi, uNkulunkulu ubiza ukwehlukana, izwe namhlanje libiza abaxubanisi.

66 Abaningi babantu bekhetha umelusi wenu, nifuna ukuthola umuntu ozoxuba, ozokwehla, ayogeza ogwini lolwandle, noma athathe esincane, isiphuzo sobungani kanye nawe, noma—noma ukuxoxa elincane, ihlaya elinenhlamba, noma okuthize; lokho kukhulu kakhulu emazingeni amaProtestane namhlanje. Kodwa abantu ufuna umxubanisi, kodwa uNkulunkulu ubiza abahlukanisi. Zahlukanise nakho, ungaboshelwa ejokeni nokungakholwa. Leyo yindlela kaNkulunkulu yokukwenza, izwe linomqondo ohlukile.

67 Manje, njengoba sibheka phambili eZwini, sithola ukuthi iBandla elibizelwe ngaphandle, abaKhethiweyo, kwakukhona iNgelosi Eyakhuluma kubo futhi ibanika isibonakaliso. Futhi kwakukhona iNdoda eyisihambi ehlala enyameni, u-Abrahama kamuva ayibiza ngo-Elohim, uNkulunkulu uSomandla. Futhi ngakho waqaphela ukuthi loMuntu wayehlezi, Wayefulathele ithende. Futhi nje i—isahluko ngaphambi kwalokhu,

uNkulunkulu wayehlangane no-Abrahama futhi umnika igama kusukela ku-*Abrama* kuya ku-*Abrahama*, u*Sarayi* kuya ku*Sara*, futhi, "inkosazana," futhi Wababiza bobabili ngobupristi babo, noma igama abalinikwe nguNkulunkulu. *Elohim*, H-e-m, ethatha ingxenye yegama laKhe, u-*Abrahama*, ku-Abrama, *hama*, ingxenye yeGama likaNkulunkulu, ngoba wayezoba, futhi, ubaba, ngenzalo, ezizweni eziningi, uyise wezizwe.

68 Manje, ni—niyaqaphela ukuthi kwenzekeni lapho, manje, iNgelosi ifulathele ngomhlane waYo ethendeni, Yathi, "Uphi uSara, umkakho na?"

Yayazi kanjani ukuthi igama lakhe lalinguSara na? Yayazi kanjani ukuthi wayeshadile na? Futhi Yazazi kanjani zonke lezizinto na?

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

69 Futhi Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila." NoSara wahlekela ngaphakathi, ngenkathi ehleka, iNgelosi yathi, "Uhlekeleni esho enhliziyweni yakhe ukuthi 'Ngeke ngikwazi ukwenza lokhu, futhi sengimdala kakhulu,' kanjalonjalo na?" Yakwazi kanjani lokho na?

70 Manje, uJesu ngokusobala . . . Manje lalelisisani, ningakugeji, futhi hloniphani ngokuzithoba ngakho konke eningakwenza. Qaphelani, lesosithembiso senziwa nje ukuba siphinde senzeke futhi ekuFikeni kweNkosi. Niyabo? Manje, uJesu engaqondwa kahle, bathini ngenkathi beMbona enza izibonakaliso zaKhe zikaMesiya na? Bathi, "UnguBelzabule."

71 Awu manje, siyazi ukuthi uBelzabule wayengudeveli, wayeyinduna yodeveli. Futhi kungenjalo, babiza uJesu ekuboneni imicabango yabo ezinhliziyweni zabo, u—umbhuli, noma ofunda ingqondo, noma into efana naleyo, esaziyo ukuthi lokho ngokukadeveli, impela. Futhi ku—kungokuphendukezelwe, into ethize ebikade iyiyo ngempela, iphendukezelwe.

72 Udeveli akakwazi ukudala, udeveli uphendukezela kuphela lokho uNkulunkulu akudalile; munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu. Yini amanga na? Iqiniso lihlanekezelwe. Yini o—owesifazane omubi na? Ngowesifazane olungileyo ophendukezelwe. Niyabo? Noma yini ephendukezelwe ingekadeveli, noma yini esimweni sayo sasekuqaleni ingekaNkulunkulu. Niyabo? UNkulunkulu nguye kuphela uMdali. Nodeveli akakwazi ukudala, uzofanele aphendukezele lokho uNkulunkulu akudalile. Kugcineni lokho engqondweni yenu.

73 Manje, babiza uMoya kaNkulunkulu, owawenza lezizibonakaliso ezinkulu ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya, bakubiza lokho ngomoya omubi. NoJesu washo ukuthi "Ngizonithethelela ngalokhu, kodwa lapho uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo

alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Bhekisisani ukuthi kunzima kanjani!

74 Manje, ngaphambi kokuba ukwahlulela kushaye, isihawu siza kuqala. Bese kuthi emva komusa, khona-ke akukho . . . Uma wedelela umusa kukhona into eyodwa kuphela esele, lokho ngukwahlulela. Ukwahlulela kulandela umusa emva kokuba usudeleliwe. Bamedelela uKristu, ukwahlulela kwalandela; babedelela abaprofethi, ukwahlulelwa kwalandela; futhi njengoba kungilimaza kakhulu, njengesakhamuzi saseMelika, ngifanele ngisho ukuthi lesisizwe sedelele umusa, ngakho sesilungele ukwahlulela kukaNkulunkulu kobuNkulunkulu.

75 Bukani ukuthi yini eye kulesisizwe, zonke izinhlobo zezinto, amadoda amakhulu njengoba nje ngikhulume ngawo emizuzwini embalwa edlule, uCharles Fuller, uBilly Graham, uJack Shuler, u-Oral Roberts, u-Tommy Hicks, u-T. L. Osborn, amadoda amakhulu anqamule lesisizwe esinyakazisa, futhi ngokuqhubekayo sigxambuza esonweni, ngokuphuphutheka siqhubekela phambili ngqo. Abanye babo bayothonywa yi—yinkonzo yalamadoda amakhulu, futhi bayongena futhi bajoyine ibandla, futhi baphume ngqo futhi baphile ngendlela efanayo ababehlala bephila ngayo. Uma uvuma iGama likaJesu Kristu, deda kuso sonke isono, "Wonke umuntu obiza iGama likaJesu Kristu," umBhalo uthi, "mabasuke esonweni." Kodwa senzani na?

76 Yini *isono* na? "Ukungakholwa." Sinye kuphela isono: ukungakholwa. Uyaphinga, ubhema osikilidi, uyathuka, uyaphuza, ngoba ungongakholwayo. Uma ubuyikholwa, ubungeke ukwenze lokho, lezozinto ziyizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Ikholwa leqiniso lihluzile, lisekelwe ngokuqinile kuKristu, futhi akukho lutho oluzolinyakazisa. Kodwa ngenxa yokuthi uyavayizela, uchezukela ohlangothini olulodwa, yingalesosizathu unalezizinto zenzeka empilweni yakho. Ukukholwa kweqiniso okumsulwa kuzokubamba ngokuphepha esiphambanweni, kuzokwenza.

77 Manje, Wabasola futhi wabatshela, ngenxa yokuthi benza lokhu, Uqala ukuthi (Futhi ngehlela endikimbeni yami manje.) ukuthi iNdlovukazi yaseNingizimu ifanele ivuke ilahle isizukulwane. BabeMtshelile ukuthi WayenguBelzabule amavesi ambalwa nje emva kwalokhu. Futhi Wayebasolile ngokungakholwa kwabo, Wayebatshelile ukuthi babenosuku, kodwa babeludelelile. Wake wathi, "Jerusalema, Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukukufukamela njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kodwa awuvumi! Manje usushiyiwe."

78 Futhi ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu ezinhliziyweni zabesilisa nabesifazane eMelika abangamaKristu, zingaLizwa likhala, "IMelika Enkulu, Melika,

kukangaki ngikunika imvuselelo, kukangaki, awu, bengithanda ukunibuthela ndawonye, kepha anivumi! Uthanda izinto zezwe ukwedlula ukuthanda izinto zikaNkulunkulu, ngakho nakho lapho okhona." Khona-ke akusekho lutho olusele kodwa ukwahlulela ngokukaNkulunkulu kuzofanele kwehle, ukwehlukana noNkulunkulu.

79 Manje, sithola ukuthi kuzo zonke izizukulwane uNkulunkulu ubeneziphiwo. Zonke izizukulwane, ngeBhayibheli, njengoba nginemiBhalo eminingi lapha ebengingabhekisela kuyo lapha ukuthi—ukuthi eminyakeni ehlukene uNkulunkulu ubeneziphiwo zobuNkulunkulu.

80 Futhi manje ngifuna ukusho lokhu kubefundisi basesontweni: Ngifuna ningitshele, noma ningibalulele emlandwini, ngesinye isikhathi sanoma yimuphi usomlando, noma ngasiphi isikhathi uNkulunkulu ake athulula ngaso izibusiso zaKhe futhi waba nemvuselelo, kodwa lokho izibonakaliso ezingaPhezu kwemvelo zalandela leyomvuselelo, yonke imvuselelo. Babenokuphulukisa, nokukhuluma ngezilimi, nezibonakaliso zikaMoya kuzo zonke izimvuselelo; yizibonakaliso zikaNkulunkulu. UNkulunkulu, lapho uNkulunkulu ekhona kunezibonakaliso, ngoba uNkulunkulu unguNkulunkulu osebenza isibonakaliso.

81 UJesu akazange athi, "NiNgikholiwe ngoba beNginezimfundiso zikaBaba waMi na?" Wathi, "Uma Ngingenzi ukufundisa kukaBaba waMi, ningaNgikholwa"? Wathi, "Uma Ngingenzi *imisebenzi* kaBaba waMi, ningaNgikholwa uma Ngingenzi *imisebenzi*."

82 Sihambile, futhi senza izikole, nezikole zeBhayibheli, na—namakholiji, futhi sakha izakhiwo ezinhle, kodwa lokho ngempela kwakungesikho ukuthunywa. Labo balungile, ngeke ngasho lutho olubi olumelene nabo, badlala indima yabo, kodwa lokho kwakungesikho ukuthunywa, umyalo wawungukuthi "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli." Ukushumayela iVangeli kwakungukubonakalisa amandla, kwakufanele kube njalo. Lithini ivesi elilandelayo na? "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Izibonakaliso zi. . . Izibonakaliso ziyimisebenzi ephuma eZwini elenziwe lavuma. Lapho iZwi lishunyayelwa, izibonakaliso zeZwi ziqinisa iZwi ukuthi liyiqiniso. Uma kungaveli, akuveli enhliziyweni yokukholwa, akugxilisi okwehange enhliziyweni yokukholwa.

83 Akashongo yini uJesu ukuthi abanye bahlwanyela izimbewu, futhi ngenkathi isiwela eceleni kwendlela, izinyoni zayiqoqa na? Enye yangena emhlabathini onamatshe, nezingcebo zomhlaba zayiminyanisa, njengamakhakhasi, kanjalonjalo na? Futhi Akashongo yini ukuthi ukuthi enye yaya ngale futhi yaveza ngekhulu na? Niyabo, ufanele kuqala uvumele

iZwi liwele ohlobweni olufanele lokukholwa. Futhi kulokho kukholwa kuveza okwashiwo yiZwi, ngoba iZwi liyiMbewu. IZwi likaNkulunkulu, khona *lapha*, liyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo. Futhi yonke imbewu iyoveza inhlobo yayo uma ibekwe esimweni sendawo esifanele nesimo esifanele, ungeke wakufihla, ungeke wakufihla ukuphila kwangoqobo.

84 Uthatha impilo yemvelo, impilo yezitshalo, lelolanga malifike lifudumele, manje, njengasezweni lakithi, imbewu encane iyawohloka, kulezizimbali, ziyafa, zinodwendwe lomngcwabo, i—izibhakabhaka zikhala zehle kakhulu, izinyembezi zika-Okthoba, futhi zizimbela emhlabathini, imbewu iyaqhuma, uginindela uyaphuma, lokho akusikho ukuphela kwaleyombali. Ake nje ilanga, i l-a-n-g-a, elilawula konke ukuphila kwezitshalo, bese kuthi-ke lapha liqala ukukhanya phezu komhlabathi futhi lifike ezingeni lokushisa elithile, alikho elinye izinga lokushisa elizokwenza, akukho okunye okuzofaka lowombala phakathi lapho ngaphandle kwelanga, ngakho uliyeke lingene ezingeni lokushisa elikahle, isimo sendawo esifanele, naleyombewana encane yokuphila ifihlwe ndawondawo othulini, izophuma futhi.

85 Sewake wabeka indawo yokuhamba kakhonkolo, futhi qaphela entwasahlobo yonyaka, buphi utshani bakho obukhulu kunabo bonke na? Khona ngqo emaphethelweni endlela. Kuyini na? Yileyombewu eyambelwa ngaphansi kwaleyo ndlela. Futhi uma izinga lokushisa liba kahle, inkathi yonyaka iba kahle, awukwazi ukufihla ukuphila, kuzosebenza indlela yakho yedlule ngqo, futhi kuze kuphakamise ikhanda lakho elincane futhi kudumise uNkulunkulu, ngoba ngukuphila, ungeke wakufihla lapho i l-a-n-g-a likhanya.

86 Ngokuqinisekile nje njengelanga i s-o-n liletha impilo yezitshalo, iNdodana i S-o-n iletha ukuPhila okuPhakade. Futhi ungeke waKufihla, Kuzokhanya, kukhona okuzokwenzeka. UJesu wathi, “Uma bethula, amatshe ngokushesha azomemeza.” Kukhona okwenzekayo. Lapho uNkulunkulu, uNkulunkulu oPhakade, eqala ukukhanyisa uMoya waKhe phansi, labo abamiselwe ukuPhila bayokuqonda, bayofika futhi bahambe ekuKhanyeni, baphile ekuKhanyeni.

87 Futhi Wathi, “Ngiqinisile, Ngithi kini, kuseyisikhashana, nezwe,” (*Kosmos*, okusho ukuthi “uhlelo lwezwe.”) “alisayikuNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi,” *Ngi* yisabizwana somuntu lapho, “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa,” kwehle njalo. “Hambani niye ezweni *lonke*.” Hhayi nje kulesisizukulwane, umhlaba *wonke*.

88 Nina enithi i, nifuna ukusho ukuthi izibonakaliso zabaphostoli, kwakuyibo kuphela ababenoMoya oNgcwele, yibo kuphela ababengenza izimangaliso, ungawufunda kanjani

umlando weBandla, futhi usho into enjengaleyo na? Kuthiwani ngoPolycarp na? Kuthiwani ngo-Irenaeus na? Kuthiwani ngoMartin oNgcwele na? Uzokwenzani ngalawomadoda na? *UColumba*? UColumba? Bonke labo, uzokwenzani ngabo na? Amakhulu eminyaka kamuva basaphulukisa abagulayo, bevusa abafileyo, bakhuluma ngezilimi, bakhipha amademoni, uzokufihla kanjani na? Inqobo nje uma leyoNdodana, i S-o-n, kaMoya oNgcwele kaNkulunkulu ikhanya eBandleni, izibonakaliso nezimanga zizobonakala. Awukwazi ukukufihla, kulapho.

89 Fundani lokhu kanye nami, uMarku 16: "Hambani niye ezweni lonke." Alikaze lifinyelele ezweni lonke okwamanje. "Nishumayele iVangeli," bonakalisa amandla. Kangakanani? "Kukho konke okudaliweyo." Niyabo? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kude kangakanani na? Izwe lonke, sonke isidalwa. Ungeke nje wakufihla. Akazange athi, "Hambani, nifundise iZwi." "Hambani, nishumayele iVangeli," nibonakalise amandla kaMoya oNgcwele.

90 Manje, uma ungalazi iZwi, uyosazi kanjani isibonakaliso na? "Lezizibonakaliso." Ufanele wazi iZwi ukuze wazi ukuthi ukhuluma ngani. Uma ukuthatha emqondweni womunye umuntu, khona-ke awukaze ukuthole ngendlela uPetru akuthola ngayo, khona-ke uzodonsa owakho umqondo ngakho. Kodwa uJesu watshela uPetru, "Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango ehayidese angeLehlule."

91 Manje, ukubona ukuthi ngabe kulungile noma qha, buyela emuva futhi uthole i*Pre-Nicene Fathers*, noma i*Nicene Council*, no—nosomlando bonyaka, futhi uthole ukuthi ngabe esikhathini ngasinye lapho abantu belikholwa leloZwi, Laveza khona impela nje Elathi Lizokuveza.

92 Ngibonile esikhathini esingeside esedlule lapho abangena khona ezinqolobaneni zaseGibhithe futhi bathola ukolo owafakwa lapho cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu eyedlula, yebo, ngaphezu kwalokho, cishe eminyakeni eyizinkulungwane ezintathu eyedlula, wafakwa lapho nguJosefa, omunye kakolo wawukade ulele lapho yonke leyominyaka, futhi wawutshala emhlabathini, futhi wabuye wakhiqiza futhi. Akunandaba ukuthi leliVangeli lihlala isikhathi eside kangakanani lapha, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili sibe nabahleka usulu nabahleki abahleka usulu, futhi bethi izinsuku zezimangaliso selwedlule, kodwa faka leloZwi ohlobweni olufanele lwenhliziyo, Lizoveza, futhi, njengoba nje *le*nza esikhathini sokuqala, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu, Lizofanele lingene emgudwini wokukholwa. Inqobo nje uma wawulele enqolobaneni wawungasho lutho, wahlala lapho nje njengesikhumbuzo.

93 Ngamangala eRoma, bane, ngokwasekuqaleni, izipikili eziyishumi nesishiyagalolunye ezehlukene ezabethelwa esandleni sikaJesu. Bonke bathi, "Sinaso, ibandla lethu linaso. Sinaso." Izipikili eziyishumi nesishiyagalolunye abangazifakazela, ngenkathi zazizintathu kuphela. Niyabo? Wonke umuntu ufuna isipikili.

94 Lapha esikhathini esingeside esedlule omkhulu (Niyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini.), omkhulu uphuma nocezu, "*Nalu* ucezu lwesiphambano sasekuqaleni."

95 Kwenza mehluko muni lokho na? Angikhathali ukuthi zingaki izipikili onazo, ukuthi unezingcezu ezingaki zesiphambano, sidinga ukuveza leliZwi futhi. UngaLibeki esiphambanweni, esipikilini, kodwa esimweni sendawo sokuphila sikaMoya oNgcwele, esiveza imiphumela. IZwi likaNkulunkulu, ngaphansi kwesimo sendawo esifanele, lizoveza khona impela eLithi Lizokwenza. Kuzofanele kube sesimweni esikahle nokho, ungeke waLibeka ngale ekholiji, noma esinye isikole seBhayibheli esingakholelwa ezibonakalisweni nezimangaliso. Akusoze kwahap-. . . Akusoze kwaqhuma futhi kulethe ukuPhila lapho, isimo sendawo asilungile, kodwa ufanele uLibeke esimweni sendawo esifanele. Hlobo luni lwesimo sendawo na? Isimo sendawo sokuzinikela. Hlala lapho Lize likhule futhi lithathe ukuPhila, lowo ngumqondo.

96 Akakaze athi, "Uma Ngenza *ukufundisa* kukaBaba waMi." Wathi, "Uma Ngingenzi *imisebenzi* kaBaba waMi." Ukuthi, ukufundisa, noma ubani ubengakufundisa, kodwa ake sibone imisebenzi yenziwa.

Ungathi, "O, UnguNkulunkulu omkhulu."

97 Impela. Singena ezikoleni zeBhayibheli, hhayi njengoba ngizilahla, kodwa ngizama uku. . . Ngethemba ukuthi aningiqondi ngokungesikho, angizilahli izikole zeBhayibheli, kodwa ngiyakulahla, okushoyo ukuthi u—ufundisa lezizinto, bese-ke ushaya isisekelo sonke sibhidlike ukuba uthi kwakukomunye unyaka.

98 Kufana nje nokunikeza inyoni yakho engumzwilili amavithamini ukuyakha kahle, amaphiko aqinile, futhi uyifake esibiyelweni. Kusiza ngani ukwenza lokho na? Uwakheleni amaphiko akhe phezulu uma uzoyigcina ivalelwe esibiyelweni na? Okudingwa yibandla namhlanje ngukuvulwa kwalezizithiyo ezibambile, nelinye iPentecostal, amavithamini kaMoya oNgcwele athululelwa emuva ebandleni, khona-ke kuzoshintsha isimo sendawo. Kunjalo. Ziyochamusela, ziyoveza izinkozi esikhundleni sezinkukhu. Inkukhu iyi, iyinyoni, kodwa ingumfowabo uhhafu, ayazi lutho ngokwasezulwini, ayazi ukuthi kusho ukuthini ukuba phezulu lapho.

99 Okunye kokubuka okudabukisa kakhulu engake ngakubona kwakungukuthi, ngehlela esibiyelweni ngesinye isikhathi, uSarah wami omncane nami, sasihambahamba lapho, futhi kwakukhona i, ngezwa umsindo futhi kwakulukhozi olukhulu, kukhona owayelubambile, futhi lwalushaye nje zonke izimpaphe zekhanda lalo neziphetho zamaphiko alo. Futhi lalibuyela emuva linqamule isibiyelo, futhi laliza libhakuza, futhi lalishaya ngekhanda lalo e, amaphiko alo nezimpaphe kundiza, laluwa emuva. Ngilubonile lulele lapho, nalawo amakhulu, amehlo ampunga eqalaza. Ngani na? Lwaluyinyoni yasezulwini, luhlala emazulwini, yilapho inhliziyo yalo ikhona. Kodwa ngobuhlakani bobuqili bomuntu, wayelucuphile, futhi walifaka kulesisibiyelo. Futhi lwaluzama ukuzishaya luzikhiphe ngamandla alo uqobo, lushaya ngqo eceleni.

100 Ngacabanga, "Lokho kuyadabukisa!" Ngasuka lapho ngicishe ngikhala. Ngacabanga, "Ngifisa sengathi bebengangithengisela lona." Ngiyakuzonda ukubona noma yini ivalelwe esibiyelweni.

101 Ngiyakuzonda ukubona ibandla livalelwe esibiyelweni, ya, uzishaya nje uze ufe, nakho konke okunye, nazo zonke izinhlobo zamasapha amasobho, namadina, namaklasi, nezinhlangano, nezinto ezinjalo. He, awuzalelwanga ukuba ube njalo, qhabo, qhabo.

102 Futhi ngamqaphela umfo omdala, ngacabanga, "Uma nje benginga . . ." Ngacabanga, "Awu, lokho ngukubona okudabukisayo."

USarah wathi, "Babayi, leyonyoni bandla!"

Ngathi, "Yebo, S'thandwa."

Wathi, "Lushayani ikhanda lalo futhi . . .?"

Ngathi, "Luzama ukuphuma kulezozinsimbi."

Wathi, "Yini elenza lufune ukuthola . . .? Kungani lungahlali phansi nje futhi lweneliseke na?"

103 Ngathi, "Lungeke. Niyabo, S'thandwa, imvelo yalo iphezulu *lapho*, yilapho obelufanele lube khona. Lawomaphiko amakhulu anikwa lona ukuba luzibambele phezulu lapho emoyeni, ukuba lubuke phansi, lundizele phezulu."

104 Futhi ngasuka lapho, ngacabanga, "Leyo yinto edabukisayo, kodwa ngazi okuthile okudabukisa kakhulu, ukubona ibandla elizibiza ngebandla likaNkulunkulu, ibandla likaJesu Kristu, libiyelwe esibiyelweni, kanti, empeleni, bangalifunda iBhayibheli futhi bathole ukuthi abazalelwanga ukuba yizinkukhu ezivalelwe esibuyeni, bafanele babe yizinkozi ezingahlela amaphiko azo eMoyeni Ovunguzayo Onamandla owehlayo. Abadingi ukubhakuza, bayazi nje ukuthi abanjwa kanjani amaphiko abo futhi bandizele phezulu lapho zonke izinto zingenzeka khona, bangene endaweni

ebakhipha kulezindawo ezivalelwe esibiyelweni esihleli kuzo, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, akukho-Moya oNgcwele.'" O, kuyadabukisa! Yini ongayenza na?

105 Manje, uJesu ekhuluma kubo, Wabanika izibonakaliso ezithile, futhi njengoba isikhathi sami sesithi asihambe nje, ngithanda ukubhekisela kwezinye zalezozibonakaliso. Bhekisisani lapha, Wathi, ivesi nje emva kwakho, "Njengezinsuku . . . Njengoba kwenzeka emihleni kaJona, umprofethi . . . "

106 UNkulunkulu kuzo zonke izizukulwane ubenezibonakaliso nezimanga, Ubenezinceku Asebenzana nazo, ngezinye izikhathi eyodwa nje. Benikwazi lokho na? Wehlela ezinsukwini zikaNowa kweyodwa. Futhi U—Ufinyelela emfanekisweni, futhi washo njalo ekufikeni eNdodaneni yomuntu, kanjalonjalo. Wehla kwaze kwaba yindawo . . . kodwa Ubehlala njalo enenceku yaKhe. Manje lalelisisani, emizuzwini embalwa elandelayo manje. Ngiyacabanga, impela, nginemizuzu eyishumi nanhlanu yokuba ngibe ngesikhathi.

107 Qaphelani, njalo, ngenkathi uNkulunkulu ethumela izinceku zaKhe futhi wathumela izipho zaKhe ezincekwini zaKhe, uma labobantu bezikholwa lezoziphiwo, kwakuyijubili legolide labantu, kodwa uma benqaba lezozibonakaliso neziphiwo Abanika zona, kwakuhlala njalo kuphelela enxushunxushwini (Manje, buza noma yimuphi umfundisi wasesontweni omfunayo, noma yimuphi usomlando, engaziyo ohlezi ebukhoneni bethu ngabanye bosomlando abedlula bonke engibaziyo, kade ngikhuluma nabo nje.), futhi lokho kunjalo, behluleka njalo, lapho behluleka ukuqonda uNkulunkulu, neziphiwo zaKhe, isibonakaliso saKhe. UNkulunkulu njalo uhlala ene . . . Lapho uNkulunkulu eya khona, kuhlala njalo kunezibonakaliso nezimanga. Al- . . . Wakwethembisa. "Lezizibonakaliso ziyo," hhayi *mhlawumbe*, zi*zokwenza*. E-hhe. Manje, bekuhlala kunjalo, kwabikezelwa ukuthi kuyoba njalo.

108 Manje qaphelani, e . . . Wakhuluma kubo ngezinsuku zikaJonase. Wayebasola ngoba behluleka ukubona isibonakaliso saKhe sobuMesiya, kodwa owesifazane emthonjeni wakuqonda, akakuqondanga na? Wathi . . .

Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

109 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, lesi kuzoba yisibonakaliso sobuMesiya. Siyazi ukuthi yilokhu, uMesiya uyokwenza lokhu. Kodwa Wena unguBani na?"

UJesu wathi, "NginguYe."

110 Futhi wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engazenza. Akuyena yini lowo kanye uMesiya na? Akusikho yini lokho uMesiya afanele ukuba yikho na?" Amadoda omuzi akholwa nguJesu ngenxa yezwi lowesifazane. Niyakubona na?

111 Manje, uJesu wayelapho enza lezozinto, futhi babeMalile. Ngakho Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaJonase," uJona.

112 Wonke umuntu njalo wayehlekisa ngoJona, ngizomela uJona. UJona wayenoluningi kakhulu udumo kunoma abantu bemnika udumo ngakho. Inqwaba yabo ithi, "O, ungumhlubuki omdala."

113 Qhabo, wayengesuye, "Izinyathelo zolungileyo ziqiniswa yiNkosi," futhi uJona wayengumprofethi. UNkulunkulu wenza lokho ngenhloso, wamdedela athathe lowomkhumbi aye eTharishishi esikhundleni saseNineve. Njalo wayemdabukela ngenkathi esesiswini salowomkhomo.

114 Niyazi abanye abantu njalo bebuka izimpawu zabo, bethi, "Buka isandla sami. Ngakhulekelwa, akungcono."

Akusoze kwabanjalo, kanjalo. Awubheki isandla sakho, ubheka isithembiso. Niyabo?

115 Ngakhulekela umfana lapha eminyakeni embalwa edlule. Ubaba omdala nomama bayafika bangithole ukuba ngimkhulekele, wayenoklilo omnyama, nenhliziyo, yehla kakhulu kwaze kwathi okuqopha ukusebenze kwezicubu phakathi enhliziyweni ikhadiyogramu yakhombisa ukuthi yayingasekho nje. Futhi bangigqokisa njengohlobo oluthile lweKu Klux Klan, udokotela wakwenza, ukuba angingenise lapho. Udokotela wayeyiKatolika, futhi wayengangivumeli ngingene, ngoba ngishadile futhi nganginabantwana, ngase ngithi, "Dokotela, ungamvumela umpristi angene lapho ukuba amnike izimiso zasesontweni zokugcina na?"

Wathi, "Yebo, kodwa awuyena umpristi." Wathi, "Umpristi ubengeke abe nabantwana ukuba aye kubo."

Ngathi, "Kodwa uhlala endlini yokuvuma izono."

Wathi, "Qhubeka." Futhi wangidedela ngahamba.

116 Ngakho ngangena lapho, nobaba omdala nomama bangena ohlangothini olulodwa, base bethi, "Mfowethu Branham, konke esifuna ukwenze ngukusho izwi." Ngangena lapho, futhi ngakhuleka, ngase ngibeka izandla phezu kwengane, mina, noma, umfana, wayethi akabe neminyaka eyishumi nambili ubudala, ngathi, "Baba waseZulwini, lesi yisithembiso, yilokhu Owakwethembisa: Ngibeka izandla phezu kwalensizwa manje, futhi ngicela ukuphila kwayo ngenxa yokuthi Wakwethembisa. Lababantu bayakukholwa, futhi bangithumele ukuba ngize lapha. Yilokhu kuphela engikwaziyo ukukwenza, ngukubeka izandla zami phezu kwakhe, ngoba Wathi, 'Lezizibonakaliso

ziyakubalandela abakholwayo.'" Ngabeka izandla phezu kwakhe, ngasuka ngahamba, ngathi, "Manje, iNkosi ikubusise."

Nobaba wadumela umama, wayesethi, "O, s'thandwa, akumangalisi yini! Kuyi. . . " Umfana akazange akhombise nokukodwa . . .?. . .

117 Futhi umhlengikazi omncane, emva kukababa nomama, bekhala nje, begonana, omunye nomunye, bethokoza ngoba umfana wayesindile, niyabo, awu, umfana wayengakashintshi nakancane, nalowomhlengikazi omncane wathi—wathi, "Ngani, mnumzane, uyaqonda ukuthi kuyini lokhu na?" Wathi, "Ungenza kanjani kanjalo nengane yakho ifa na?"

Wathi, "Umntanami akafi, umntanami uyaphila, uzophila.

118 Wathi, "Awu," wathi, "mnumzane, kukhona engifuna ukukutshela khona." Wathi, "Uyayibona leyonto kagesi ikhadiyogramu?" Wathi, angiqondi ukuthi utheni, kodwa wathi, "Lapho lesosandla," noma ngabe sasiyini, "sahamba yonke indlela ezansi *lapha*, akukaze kwaziwe emlandweni wezokwelapha ukuba kuphinde kubuye futhi." Wathi, "Umfana uyafa." Wathi, "Inhliziyo yakhe ishaya nje izikhathi *eziningi kakhulu* manje, kuze kube umzuzu," wathi, "ayisophinde ibuye futhi. Futhi ngaphandle kwesifo simfake ekumgxiliseni, futhi ku—kuqhubeke kakhulu ngangokuthi akukho okungenziwa, umfana uyafa."

119 Futhi angisoze ngamkhohlwa lowobaba omdala, oyiqhawe, wathatha lowomhlengikazi omncane futhi wamgaxa, wayengumtwana nje, futhi wathi, "Buka, nenekazi," wathi, "Angikusoli, u—wena u. . . ufunda ukuba ubhekisise leloshadi." Wathi, "Yilokho kuphela, yilokho okwaziyo. Nifundisiwe futhi natshelwa ngumlando nodokotela benu, nakho konke, ukuthi . . . " Wathi, "Ubuka leloshadi, yilokho kuphela okwaziyo ngakho," kodwa wathi, "Ngibheke isithembiso."

120 Niyazi ukuthi ubani lowomfana na? NguBob Bosworth eNingizimu Afrika kulobubusuku, eshumayela iVangeli, indoda eshadile enomndeni. Kunjalo. Ngani na? Kuya ngokuthi ubukani. Niyabo? Buka uNkulunkulu, buka isithembiso saKhe.

121 Manje, uma. . . Bengihlala njalo ngicabanga ukuthi omunye wayenodaba oluhle lwezimpawu futhi wayenelungelo, kwakunguJona. Manje, wayesesiswini somkhomo olwandle olunesiphepho, izandla nezinyawo ziboshwe emva kwakhe, elele phansi esiswini somkhomo sigcwele ubuhlanzo. Manje, uma wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, nga*leyo*ndlela kwakuyisisu somkhomo, nga*leyo*ndlela kwakuyisisu somkhomo, yonke indawo ayebuka kuyo kwakuyisisu somkhomo. Manje, angicabangi ukuthi kukhona noma ubani lapha omubi kabi kanjalo. Niyabo? Ba—nje base. . . Leso—leso yisimo esibi ukuba sibe kuso.

122 Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wathi, “Bayize, angiyikubabuka.” Kodwa wathi, “Ngiyakuphinda ngibheke ithempeli laKho elingcwele.”

123 Ngenkathi uSolomoni enikela ithempeli wakhuleka, ngenkathi leyoNsika yoMlilo ingena, umusi emva kwaYo, wasewehlela emva kwendawo engcwele, wanikela ithempeli, wayesethi, “Nkosi, uma abantwana baKho beba senkathazweni nomaphi, futhi bezobheka kulelithempeli elingcwele, futhi bakhuleke, khona-ke yizwa useZulwini.” Futhi wayekholwa ukuthi lokho kwakuzolunga, ngoba uSolomoni wayeyinceku kaNkulunkulu. Futhi wakhuleka, futhi wenzani uNkulunkulu na? Manje, bengingeke nganitshela ngokwesayense, Angahle ukuba Wabeka ithangwe le-oksijini phansi lapho, angazi ukuthi Wenzeni. Kodwa Wagcina lowomprofethi ephila izinsuku ezintathu nobusuku esiswini salowomkhomo. Ngabe kunjalo na?

124 Awu manje, uma Ezokwenza lokho ku*lezo*zimo, ukuthi ukukholwa e—endodeni eyagcina ihlubukile, uSolomoni wakwenza, amakhosikazi akhe amdonsa amsusa kuNkulunkulu, uma wayenalelothemba elingako emkhulekweni kaSolomoni, kulolohlobo lwesimo, phansi kwalezozimo, besifanele kakhulu kangakanani thina kulobubusuku, phansi kwa*lezi*zimo, ukubheka kude nezimpawu zethu, siye ngakwesokunene sikaNkulunkulu, lapho uJesu emi khona neGazi laKhe uQobo, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu na?

125 “Kanye futhi, Nkosi, bheka ethempelini laKho elingcwele, lapho iNdodana kaNkulunkulu ephilayo evukile imi nezingubo zaYo uQobo ezinegazi phambi kukaNkulunkulu ukwenza ukunxusela, asinxusele njengomPristi oMkhulu phezu kwalokho esivuma ukuthi Ukwenzile.” He, bukani ukuthi uNkulunkulu wenzani.

126 Ngifunde indaba encane esikhathini esingeside esedlule, ngingahle ngiyijove lapha uma ningenandaba. Qaphelani, niyazi, bonke abantu baseNineve, kwakungumuzi omkhulu omkhulu, ocishe ulingane neSt. Louis phezulu lapha, kulungile, siyazi ukuthi behlela lapho, futhi bonke babededile kuNkulunkulu, futhi babengabahedeni, futhi babekhonza izithombe. Futhi umsebenzi wabo lapho ngasolwandle, kusobala, babengabadobi. Onke amadoda aphuma kusesekuseni ekuseni, izinkulungwane zezikebhe phandle olwandle, futhi badonsa izinhlanzi. Kwakungukungeniswa okukhulu, futhi bathumela izinhlanzi kwamanye amazwe, nezinto, ukuba baziphilise.

127 Futhi manje, unkulunkulu wolwandle wayengumkhomo. Futhi nje cabanga ngawo onke amadoda phandle lapho e—e, phandle lapho ezikebheni zawo zezinhlanzi, phandle lapho edoba, nabo bonke abesifazane nabantwana bemi osebeni

belindele umyeni ukuba angene, eletha izinhlanzi, nokubamba, kanjalonjalo. Futhi into yokuqala niyazi, unkulunkulu wolwandle uyaphakama, umkhomo, ugijimela phezulu osebeni, ukhipha ulimi lwakhe enzela iplangwe lokwehla, nomprofethi uyafika ephuma ngqo emlonyeni wakhe. Impela. Akumangalisi baphenduka. Yebo, mnumzane. Impela. Baphenduka ngoba unkulunkulu wayeveze umprofethi, futhi balalela amazwi akhe, ngoba wafika lapho engongaphezu kwemvelo.

128 Futhi qaphelani, uJesu washo, ukuthi isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso. Ngabe Wakusho lokho na? Khona lapha kunjalo, funda lelivesi: "Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izibonakaliso, futhi abayikwamukela sibonakaliso, kuphela njengokuba uJona umprofethi wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, iNdodana yomuntu ifanele ibe senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku." Manje, kwakuyini isibonakaliso isizukulwane esibi nesiphingayo esasiyosemukela na? Isibonakaliso sokuvuka.

129 Awu manje, ngitshele, sake saba nini nesizukulwane esibi kakhulu nesiphingayo na? Lapho izimpendukezelo ezilapha eCalifornia zanda amaphesente angamashumi amabili kuya kumashumi amathathu minyaka yonke! Lapho kuhulumeni wethu uqobo bazisho ukuthi amaphesenti angamashumi amathathu nanhlanu noma amashumi amane angongqingili! "Njengoba kwenzeka eSodoma . . ." Ngitshele lapho esake saba nabanye ababi, ngani, abantu benza izinto abantu basendulo ababengeke bacabange ngokuzenza, isijeziso esinonya.

130 Ababi, abangakholwa, abangazalwa ngokusha, konke ukucabanga okubi enhliziyweni yomuntu, njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, leso yisizukulwane Ayekhuluma ngaso. Isizukulwane esibi nesiphingayo siyokwemukela nhloboni yesibonakaliso na? Isibonakaliso sikaJesu ovukileyo, isibonakaliso sokuvuka, babezosemukela. Manje, Usho njalo khona lapha emiBhalweni.

131 Manje, khona-ke Wehlela endikimbeni yokuvala, "Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaSolomoni, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Ngokuba emihleni kaSolomoni indlovukazi yaseningizimu ivela emikhawulweni yezwe eyaziwayo ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni."

132 Manje, ake sithathe uSolomoni onyakeni wakhe, okomzuzwana nje. USolomoni wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu, uNkulunkulu ayipha isiphiwo. Isiphiwo sakhe kwakungukubona okufihlakele. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela, kwakunjalo. Kulungile. Futhi bukani wonke u-Israyeli. Bangaki abafundisi beBhayibheli lapha abaziyo ukuthi lowo kwakungunyaka wegolide ka-Israyeli na? Impela, kwakunjalo. Bakha ithempeli, benze izinto ezinkulu kakhulu,

kwakungekho-zimpi noma lutho. Awu impela. Kungani na? Bonke babenhliziyonye, benikeza udumo kulokho uNkulunkulu ayebenzele khona, bonke babuthana ngakulesosiphiwo esikhulu. No-Israyeli wayenokuthula nazozonke izizwe.

133 Ake ngime lapha umzuzu. Uma iMelika ibingathatha isayense yayo futhi izame ukuthola ucwaningo lokwelapha umdlavuza, noma into ethize eyosiza omunye umuntu, esikhundleni sokuzama ukukwenza, noma, lapha ngizokuguqula lokho: Uma iMelika ibingaphendukela esiphiweni sayo esivela kuNkulunkulu, futhi ibiyokwemukela isiphiwo sikaNkulunkulu esisesizweni manje, bebengeke badingeke ukuba bakhe imipheme yamabhomu nezinto ukuba bazivikele, umhlaba wonke ubuyosesaba lesisizwe. Sinye kuphela isikhali esimelene nobukhomanisi, futhi leso nguKristu. UKristu uyilokho ubukhomanisi obukwesabayo.

134 Ngangimi lapho eRashiya, noma, hhayi eRashiya, kodwa eFinland, ngenkathi umfana omncane, nikufunda emaphephabhukwini, nezinto, ngenkathi lowomfanyana evuswa kwabafileyo. Futhi lapho, lapho useRashiya, lapho uqhele ngamamayela angamashumi amane endaweni owazalelwa kuyo, ufanele ube nevisa ukukhombisa ukuthi unebhizinisi lokuba kude ngamamayela angamashumi amane ukusuka lapho owazalwa khona. Futhi ngenkathi lokho kuphuma kulowomsakazo ngalolosuku ukuthi lowomfanyana wayevusiwe kwabafileyo, elele lapho . . .

135 Abaningi benu bantu enihlezi khona lapha enibhale lokho eBhayibhelini lenu iminyaka emibili ngaphambi kokuba lokho kwenzeke ngenkathi nginitshela, bangaki ophakathi lapha ongitshela ukuthi bezwile, futhi ngi—ngikutshelile ukuba ubhale eBhayibhelini lakho ukuthi kuyobakhona ukuvuka komfana omncane, ukuthi ngizonqamula entshonalanga, nakho konke lokho na? Bangaki olapha oyikhumbulayo leyondaba na? Phakamisa isandla sakho. Bukani lapho. Niyabo? Nxazonke phezu kwesakhiwo. Iminyaka emibili ngaphambi kokuba kwenzeke. Lapho umfana omncane, kwakungesiyo nje impela indlela okwathi kuyoba ngayo na? Impela. UNkulunkulu njalo, Ukwenza nje ngendlela efanele.

136 Manje, ngendlela nje Athi kuzoba ngayo, yileyondlela okuzoba ngayo. Yingalesosizathu iZwi laKhe, isikhathi saKhe, nayo yonke into izoba nje ncamashi njengoba Akusho. Akunandaba ukuthi ubani ongakukholwa, kuzoba ngaleyondlela, noma kanjani. Niyabo?

137 Ngakho ngenkathi ngifika e—eMessuhalli ngalobobusuku, bafaka cishe izinkulungwane ezingamashumi amathathu, bese-ke ngibenza baphume, futhi ezinye izinkulungwane ezingamashumi amathathu zingene ukuba ngikhulume nazo. Kwase kuthi-ke ngenkathi ngehla ngomgwaqo, nanka

lawomasosha amancane aseFinland ayengakaze ashefe nokho, abafana nje, cishe abayisithupha, abayisikhombisa ngaphambili, nabayisithupha, abayisikhombisa ngemuva. Futhi nakho kumi lawomakhomanisi, amasosha amaRashiya, emi lapho naleyo saluthe yamaRashiya ngenkathi ngedlula, nezinyembezi zehla ezihlathini zawo, adumela lawomasosha aseFinland futhi awagona. Noma yini eyokwenza umFini agone umRashiya, nomRashiya agone umFini kuyoshintsha izimpi futhi kuxazulule ingunaphakade. Bathi, "Sizokwemukela uNkulunkulu onjengalo, uNkulunkulu onamandla, uNkulunkulu ongaZibonisa enguNkulunkulu!"

138 Okuyikho, amabandla ethu avele akwenze usayizi webhodlela nje kwehlela edlangaleni. Kungaphezu kwedlangala, ngumbhaphathizo e—eMzimbeni wophilayo, uJesu Kristu ovukileyo ngamandla nezibonakaliso nezimanga. Lelo yiVangeli, lowo nguKristu, lowo nguNkulunkulu.

139 Mqapheleni, impela, uSolomoni, wonke umuntu wabuthana ngakuye, wonke umuntu wayethi, "O," wonke umuntu nganhliziyonye, bathi, "o, wozani, nibone isiphiwo esikhulu uNkulunkulu wethu asinikezayo. Wozani, nibone isiphiwo esikhulu uNkulunkulu wethu asinikezayo."

140 Nxa uNkulunkulu esinika iSiphiwo sikaMoya oNgcwele, leso yiSiphiwo sethu, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu usithumelele uMoya oNgcwele, senzani na? SaWuhleka, sababiza ngabagingqiki abangcwele, sabaxoshela ekhoneni, sibatshele ukuthi bayahlanya, baphambene ingqondo, abaveli ezikoleni zethu, abayilutho kodwa isigejane sabantu bezilimi. Yingalesosizathu semukela ukwahlulelwa.

141 Benzani ngoSuku lwePhentekoste na? Enzani lawomaJuda na? Ahleka futhi ahlekisa ngakho. Enzani eminyakeni embalwa kamuva na? UTitus wavimbezela amasango, futhi wawaceka khona phakathi lapho, kwaze kwagobhoza igazi emasangweni, futhi agumbuqela indawo phansi, adiliza ithempeli, ahlakazeka kusukela lapho. Kunjalo.

142 Sizothola okufanayo. Nisenqabile iSiphiwo sikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ufake esikhundleni ukuxhawula, noma incwadi evela kwelinye ibandla elithize ukuthatha indawo yaLo. UMoya oNgcwele awusikho ukuxhawulana, kanjalo aWusiyo incwadi, Kuyisiphiwo sikaNkulunkulu esinamandla avela Phezulu ukubonakalisa kubantu. Lowo nguMoya kaNkulunkulu ophila kithi, oKwenzayo, futhi uyaKukhombisa, futhi ufakazisa kubantu ngezibonakaliso nezimanga ukuthi KunguNkulunkulu. Haleluya!

143 Ngiyazi nizongibiza ngomgingqiki ongcwele emva kwalokhu, kodwa, mhlawumbe nginguye. Ngizizwa ngikholwa impela khona manje, empeleni.

144 Qaphelani, uNkulunkulu, izibonakaliso, amandla, ezifakazisa Yena uqobo ukuthi UnguNkulunkulu. Lowo ngumBhalo, ungeke ukuphike, kodwa okuyiqiniso, iziphiwo zokubona okufihlakeleyo.

145 Manje, yonke i...Cabanga nje abantu abedlulayo bebengathi, "O, ufanele uze esizweni sakithi, ubone owethu omkhulu, uNkulunkulu onamandla. Ngani, U—Usebenza phakathi kwabantu bakithi. We—Wenza izibonakaliso ezinkulu nezimanga. Sinenkosi ebizwa ngoSolomoni, nifanele nibone ukwehlukanisa okukhulu lowo muntu anakho. Ngani, ku—kungaphezu kokucatshangwa."

146 Awu, niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa, akunjalo na? Ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Ngakho, izindaba zasabalala emhlabeni wonke, ndawo zonke bezwa ngalokhu. Futhi bonke baqala ukwesaba, ngoba, bengamesabi uSolomoni, kodwa besaba uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu ophilayo wayekhombisa.

147 Ekugcineni, izindaba zafika ezansi le eSheba, ezansi le, cishe, amakhulu amamayela ezansi, cishe amamayela angamakhulu amathathu ezansi eningizimu, ezansi le, ngapesheya koGwadule iSahara. Kukale ebalazweni lakho bese ubona ukuthi kwakukude kangakanani. Manje, babengenayo ithelevishini ngalezozinsuku, nomsakazo, namaphephandaba, nothelefoni, bona, bahamba nje ngo—ngomlomo nomlomo, nodwendwe lwezinqola lwalufika futhi lulethe izindaba.

148 Futhi wonke umuntu owehlela eSheba wayethi eNdlovukazini encane, "Ake usho, ufanele wenyukele e—wenyukele ePalastine, uyazi banoNkulunkulu phezulu lapho obabusise kakhulu labobantu, bonke banhliziyonye. Akukho-kuxabana phakathi kwabo nhlobo, futhi banomfowethu enhla lapho, bambiza ngoSolomoni, bamenze inkosi. Futhi bangitshela ukuthi uNkulunkulu umsebenzisa nje ngayo yonke into abanayo abayidingayo, uyakwazi nje ukubatshela."

149 Niyazi, nokukholwa kuvela ngani na? Ukuzwa iZwi. "Futhi babusisiwe labo abalamba bomele ukulunga, bayakusuthiswa."

150 Ngakho, indlovukazi encane iqala ukulamba, yacabanga, "Uyazi, ngizodingeka ngiyobona lokho." Manje, niyakhumbula, inenqwaba yesithunzi, niyazi, ngoba iyiNdlovukazi. Ngakho-ke ngicabanga ukuthi yathi, "Ngaphambi kokuba ngenze lokhu manje, kungcono ngihambe ngiyobuza umelusi wethu ukuthi ngingahamba noma qha," niyabo, "ngoba ngifanele ngithole imvume ehlelweni lami, ngoba lelo ngelinye ihlelo." Niyabo? "Ngakho kungcono ngiyobuza umelusi wami ukuthi ngingahamba yini, umpristi wami."

151 Ngakho sengiyambona ehamba, nonogada omncane enaye, wathi, "Baba ongcwele, mangibe nemvume evela kuwe, evela kuleli elikhulu, ibandla elingcwele esinalo lapha eSheba,

ngingaba nemvume evela kuwe, banemvuselelo enhla ePalastine, ngingakwazi ukwethamela leyomvuselelo na?"

152 "Umbhedo, ndodakazi yami. Manje, uma ibikhona into enjengaleyo, ngiwuzwile lowombhedo nami, akukho lutho kuwo, yisigejane nje sabagingqiki abangcwele, akukho—akukho lutho kukho, kodwa bukani, uma kwakukhona noma yimaphi amandla kunoma yimuphi unkulunkulu, abezoba kunkulunkulu wethu khona lapha. Abezoza enhlanganweni yethu, abengaba ngawethu, uma kukhona noma yini kukho. Uyabo?"

153 O mfowethu, uyazi, udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe. Kunjalo. UNkulunkulu uthatha owaKhe, naye, kodwa neze uMoya waKhe. Wathatha u-Eliya, kodwa uMoya wakhe wehlela phezu kuka-Elisha, bese-ke uphumela kuJohane umBhaphathizi. Futhi Wathatha iNdodana yaKhe, uJesu, kodwa uMoya oNgcwele ubuyela eBandleni ukwenza imisebenzi efanayo. "I, Lowo okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Niyabo, ulokhu uqhubeka wehla. Nodeveli uthatha umuntu wakhe kodwa neze umoya. Leyomimoya emibili isalwa yodwa, kwehle njalo ngqo.

Manje, wathi, "Qhabo, ungeke uhambe."

154 "Awu," wathi, "lalela, uyazi, kukhona *okuthize* phansi enhliziyweni yami." Niyazi kukhona okuthize ngakho, lapho uNkulunkulu ebamba inhliziyo yomuntu, U . . . benza izinto ezixakile. Ya. Wathi, "Kodwa uyazi ukuthini, ngibe nakho, baba ongcwele, ngiye nga, noma—noma, Mbhishobhi othandekayo, Mbonisi oMkhulu, ngibe nesifiso esikhulu kakhulu sokuhamba. Bengihlala njalo ngizwa ngaleyomihlangano, futhi ngingathanda ukuhamba."

155 "Manje, buka mntwana, sizovele sikukhiphe esontweni ngqo encwadini." Niyabo? "Sizokuthatha nje, igama lakho lisuke ngqo kulenhlangano uma uhamba."

156 "Awu," wathi, "kodwa buka, ngifuna ukuthi: Angizukulimaza, ngizobuyela ngqo ezansi lapha kusobala, ngokushesha nje lapho imvuselelo isiphelile, ngokushesha nje lapho ngenyuka."

157 "Kodwa ungeke uhambe, ngisenzile leso simemezelo, futhi yilokho okushiwo yibo bonke abanye, futhi yilokho esifanele sime ngakho. Manje, uma kukhona noma yini enjengaleyo eqhubekayo, bekungaba khona lapha kanye nathi."

158 Sengiyayibona leyoNdlovukazi encane, uNkulunkulu enyakaza enhliziyweni yayo, yaqeda onke amalungiselelo yathi, "Kukhona engifuna ukukutshela khona!" A-hha! Sidinga eziningi zazo. "Sengibe kulento iminyaka neminyaka, umama wami wayekuyo, ugogo wami wayekuyo, futhi konke engikubonile kuphela isixheke samaphepha, isigejane sokubhala, nokukhuluma ngomunye unkulunkulu, kodwa angikaze ngibone noma yiluphi uhlobo lomnyakazo nhlobo.

Angizifuni lezizinto ezifile, bangitshela ukuthi banoYedwa phezulu lapho ophilayo, ohlala kubantu baKhe, futhi yilokho engifuna ukukubona." Amen.

159 Nkulunkulu siphe ezinye futhi iziNdlovukazi saseSheba eLong Beach. "Ngifuna ukubona into ethize enokuPhila kuyo. Ngifuna ukubona into ethize e . . . Kade ngifunda yonke imibhalo egoqwayo endala . . . yeziNcwadi zabo phezulu lapho, futhi bangitshela ukuthi lowoNkulunkulu unguNkulunkulu owazi izimfihlo zenhliziyo. Futhi bangitshela ukuthi leyondoda, uSolomoni, phezulu lapho, umelusi, uyakwazi nje ukwenza lezizinto futhi kuyamangalisa. Futhi ngizokubona."

"Uma ukholwa, ngizovele ngikususe ngqo encwadini."

160 "Awu, ungavele ungithathe khona manje, ngoba ngiyahamba." Ngiyakuthanda lokho, a-hha. "Ngiyahamba, noma kanjani." Awu manje, qaphelani, ngenkathi enakho, ukuthi kwambizani.

161 Niyazi, akushibhile ukuza kuKristu. Yileyo indaba ngani bantu baseMelika namhlanje, thina bantu baseMelika, yonke into ilula kakhulu, akukho kuhlupheka, akukho lutho. Asikaze sibe nempi, ngakho-ke singaziphatha nje ngokucasulayo njengoba sifuna.

162 Ngaya eSwitzerland, futhi niyabezwa beshaya izinsimbi, ubungacabanga ukuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sasiqhubeka. Kunjalo. Kodwa benzani na? Abakholwa ngisho nokuthi uJesu wazalwa yintombi, banemfundiso endala kaZwingli, bakholwa ukuthi Wayeyindodana kaJosefa. Kodwa bashaya lezozinsimbi ngaze nga—nga—ngacabanga ukuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sase siqalile. Wangivusa ngelinye iSonto ekuseni, futhi ngangingazi ukuthi kwakwenzekani, cishe ihora nengxenye.

163 Futhi nakho kufika cishe amashumi ayisishiyagalombili noma amashumi ayisishiyagalolunye amabhasi anephezulu eliyingilazi avela eJalimane. Niyazi, iSwitzerland ayinazo izimpi, abadingi ukukhathazeka nganoma yini, banonya nje futhi bazimele njengamaMelika. Futhi wehla ngqo wedlule lapho, futhi into yokuqala uyazi, wehlela e—e, eJalimane yehla. Futhi ngenkathi siya emhlanganweni ngalobobusuku, uMfowethu Arganbright ehlezi lapha, wayekhona lapho. Wawubizwa ngokuthini uMoya oNgcwele na? Bonke babeyiJalimane, Washiya iSwiss ihlezi khona lapho, nakho konke ukukhala kwabo kwenzimbi, kanjalonjalo. Niyabo?

164 Kuthatha ukuhlupheka. Ufanele umbe. O, he, ukuba kuphela bewazi! Akulula, noma yini onikwa yona ngoqwembe, awuyijabuleli, impela, ungeke wakuthokozela okukunikeza khona.

165 UNkulunkulu watshela uMose, Wathi, "Ngikunika iPalastine, ngashanela zonke izindlu, ngase ngiphanyeka

amakhethini, nonke khuphukani nje ngqo futhi nihlale lapho." Ngabe lokho bekuyoba yikho, bebengeke neze bakujabulele. Wathi, "Ngizokunika lona, ligcwele iziqhwaga, nizofanele nilwe lonke i-intshi lendlela, kodwa yonke indawo amathe onyawo lwakho anyathela khona, lokho kungokwefa. Hamba, ulithathe, impela, njengoba Ngizoba nawe."

166 Kungaleyondlela-ke ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, yileyondlela uMoya oNgcwele ayiyo, yonke into obungayihambisa emva kwakho, izinyathelo zakho ziyifa, qhubeka uhambe, uqhubeke uhamba. Yileyondlela. Unyakazisa nje umunwe wakho, awukwazanga nhlobo ukuwunyakazisa, unyakazise *kakhulu kangako* namhlanje, unyakazise *kakhulu kangako* futhi kusasa, na*kakhulu kangako* futhi ngosuku olulandelayo, qhubeka nje unyakazisa, unyakazisa, unyakazisa, unyakazisa. Amanyathelo ayifa.

167 Qaphelani, ngokushesha manje, leyontombazane yayinokuningi okufanele kubhekane nayo. Yayifanele yenzeni manje na? Yathi, "Uyazi," yayinento ethize enhle enengqondo, yathi, "uyazi ukuthi ngizokwenzani na?" Yathi, "Ngizohamba nemali. Uma ku—uma kuyiqiniso, uma kunjalo, ngizokwesekela, kodwa uma kungenjalo ngizoyibuyisela emuva ngqo."

168 O mfowethu, lokho bekungeke yini kufundise amaMelika okuthize na? Yebo, mnumzane. Sekela izinto ezihlekayo nezihlekisa ngawe. Kunjalo. Izinhlelo ezihlekayo futhi zikubize ngomgingqiki ongcwele, futhi nokho uyakweseka ngemali yakho, nesithunywa senkolo sakho uqobo singaleya, siphila ngamapuleti amancane amabili erayisi ngeviki, zingenazicathulo ezinyaweni zazo. Ngiyanidabukela!

169 Ubeke imali yakho entweni ethize enoNkulunkulu kuyo bese uyihambisa phambili. Hhayi ngoba konke kuqhakazise okwembali, nezakhiwo zamadola ayizigidi eziyisithupha emva kwakho, nezinto ezinjalo, ngesayense yezenkolo futhi bathathe izithunywa zenkolo zabo futhi bazinike ukuhlolwa kwengqondo ngodokotela wezengqondo wezwe ukubona ukuthi ngabe banawo yini amandla engqondo enele ukuba yisithunywa senkolo. UNkulunkulu nguYe ozokwehlulela lokho ngoMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane. Asiyidingi leyonto, sidinga uNkulunkulu. Qaphelani-ke, abantu bangakwenza kude kangakanani na? Suka nje.

170 Manje, indlovukazi encane, yathi, "Ngizo, uma kungalungile ngizoyibuyisa imali." Ngakho yalayisha zonke izinhlobo zamagugu, namakha, nakho konke.

171 Manje, bukani, enye into, ukuba-ke wayecabange... Ngayo yonke lemali wayefanele anqamule uGwadule iSahara, futhi niyazi, abantwana baka-Ishmayeli uphandle lapho, bonke babengababaphangi. Ukuba-ke babedlule lolodwendwe oluncane lwezinqola zayo, abathenwa abambalwa nje, namanye

amantombazane kanye naye, kwakuyokwenzekani na? Ngani, babeyoyiphanga ngomzuzu futhi bathathe yonke imali. Kodwa niyazi, uma—uma uNkulunkulu ebiza enhliziyweni yakho, awazi nhlobo ukwesaba, uyaqhubeka nje uhambe, awukhathali ukuthi noma ubani omunye uthini, kumbe noma yini enye, ulokhu uhamba lapho ulambile futhi womele ukulunga.

172 Khumbulani, futhi, akumangalisi uJesu athi iyoma ngezinsuku zokugcina, futhi isilahle lesisizukulwane. Niyazi ukuthi kwayithatha isikhathi esingakanani ukuwela lapho na? Kuthatha izinyanga ezintathu, izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye. Futhi yayingekho kwiCadillac efakwe isishayisamoya futhi, qhabo, qhabo, yawela ngomhlane wekameli ukuyozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, noJesu wathi, “Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.” Nento efanayo lapha: UMoya oNgcwele ulapha, nabantu ngeke baze bawele ngisho nomgwaqo ukuba baWuzwe. Kunjalo. “Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.”

173 Yenyukela endaweni, bhekisisa ngenkathi inqamula, futhi yaphuma futhi yenyukela emagcekeni kaSolomoni. Manje, sengiyabona . . . Ungathini nje (ngizoyenza isakhamuzi saseMelika.), iyangena, “Ngizokwehla futhi ngihlale phansi, bese-ke ngizwa lowomgingqiki ongcwele imizuzu embalwa nje, ngoba umakhelwane ngapha, incekukazi yami ingitshele ukuthi bengifanele ngihambe, uma engasho into efanele, impela nje, ngizosukuma ngqo futhi ngiphume”? O, he! “Kuphakathi kokuthi uzosho lokho engikholwa ukuthi ubefanele ukukusho, noma ngeke ngimlalele nhlobo.”

174 Yilapho esimi khona kulobubusuku. Kunjalo. “Uma esho into eyodwa umelusi wami athi yayingalungile, ngizovele nje ngisukume ngiphume.” Niyabo? Manje, uyoma nayo, futhi, ngoSuku lokwaHlulela, khona-ke niyokwahlulelwa ndawonye. Niyabo? “Ngokuba lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni,” uMoya oNgcwele ulapha. Niyabo?

175 Futhi ifika ngezinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye emhlane wekameli idabula esishisayo, izihlabathi ezivuthayo ukuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni. Ayizelanga nje ukuba ingene, ithi, “Ngizongena futhi ngizothola, futhi uma ngingakuthandi kahle nje, ngizosukuma ngiphume.” Qhabo, yazakhela ikamu khona phandle emagcekeni, yathi, “Ngizohlala ngize ngikholiseke. Ngizothatha imiBhalo futhi ngizothola,” isiYifundile yonke, lokho uNkulunkulu afanele ukuba yikho, “futhi ngizobona ukuthi kuqinisile yini.”

176 Ngakho sengiyabona ngokusa okulandelayo yazihlanza, nezincekukazi zayo ezincane, yayisiwelela ebandleni, yayisithola isihlalo sayo, yayisihlala phansi. Emva kwesikhashana amacilongo adlalwa, amahubo aculwa, noMelusi uSolomoni uza uyaphuma, waphuma. Futhi into yokuqala

niyazi, mhlawumbe babeno—umugqa oqalile, mhlawumbe babenenombolo, ikhadi, angazi ukuthi bakwenze kanjani. Owokuqala uyakhuphuka, iNdlovukazi encane ithi, "Manje, ngizohamba ngibone manje. Ngizobhekisisa nje futhi ngibone ukuthi ngabe lokhu kuqinisile noma qha, ngibone ukuthi ngabe lokho kungukubona okufihlakeleyo ngempela yini."

177 Nakhu kukhuphuka umuntu omncane, mhlawumbe kwakuyindoda. Futhi into yokuqala niyazi, ubone ukuthi uSolomoni wayengumuntu nje, ngakho yathi, "Manje, ngizobona ukuthi ukuphi lowoNkulunkulu. Ngiyabona ukuthi kukhona umuntu, kodwa ngifuna ukwazi ukuthi ukuphi lowoNkulunkulu ongaPhezu kwemvelo." Ngakho, yabhekisisa lowomuntu, "Yebo, uhamba njengendoda, ukhuluma njengendoda, ubukeka njengomuntu, ungumuntu, yilokho kuphela. Kodwa manje, kuvelaphi lokho okungaPhezu kwemvelo na?"

178 Ngakho, ngenkathi lendoda ima lapho, into yokuqala niyazi, umoya wokubona okufihlakele wehlela phezu kukaSolomoni, futhi wayitshela izimfihlo zenhliziyo yayo. Sengathi ngiyabona inhliziyo yeNdlovukazi encane iqala ukushaya ngokushesha. Olandelayo, into efanayo; olandelayo, into efanayo; olandelayo, into efanayo.

179 Yaya ekhaya ngalobobusuku mhlawumbe, futhi yakhuleka phandle ethendeni layo. Ngosuku olulandelayo iyabuya, yahlala futhi, yathi, "Ngikholwa ukuthi ngizolithola ikhadi lomkhuleko," ngakho yona, noma okuthize, noma ngabe kwakuyini, "Ngizokwenyuka." Ngakho manje-ke, bathola . . . Ekugcineni, inombolo yakhe—yakhe iyafika.

180 Manje, singahlala isikhathi eside kulokho, kodwa ukonga isikhathi, silungiselela ukuvala. Ngokuba sekufika isikhathi sakhe, futhi lapho ekugcineni seyenyukela phambi kukaSolomoni, iBhayibheli lasho ukuthi kwakungekho lutho olwalufihlwe kuSolomoni ayefuna ukulazi. UNkulunkulu wavele wakuthulula phansi phezu kukaSolomoni, futhi wayitshela yonke imfihlo eyayifuna ukuyazi. Akumangalisi lokho na? Niyazi ukuthi yathini na? Yama. Manje, ayibuyelanga emuva, futhi ithi, "Ngikholwa ukuthi ngukufunda ingqondo. Ngi—ngikholwa ukuthi yi . . . " Qhabo, qhabo. Yama, yayisithi, "Konke engikuzwile bekumangalisa, kodwa kukhulu kunalokho ebengicabanga ukuthi bekuyikho. Kukhulu kakhulu ngoba kusebenze kimi." Amen.

181 UJesu wathi, "Iyoma ngezinsuku zokugcina nalesisizukulwane futhi isilahle, ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni." Kwakuyini na? Yabona into ethize yangempela. Izwe liphilela namhlanje into ethize yangempela. Anicabangi kanjalo na? Bafuna into ethize enesisekelo.

182 Esikhathini esingeside esedlule, ngi. . .Futhi ngizovala kulendatshana engilungiselela ukunitshela yona manje. Ngangivame ukuzingela emahlathini asenyakatho. Ngikuthanda kanjani ukuzingela! Futhi ngazingela nomfo ogama linguCall, indoda ekahle kakhulu, kodwa wayeyindoda enonya kunawo onke engake ngayibona uma sekuza ekubeni nenhliziyo enonya. Wayedubula izinyamazane ezincane nje ukungenza ngiphatheke kabi ngempela ngakho. Futhi ngiyothi, "Ungakwenzi lokho, Buddy, ungakwenzi."

Uthi, "Awu, Mshumayeli, hlakanipha, unenhliziyo yenkukhu. Yileyo indaba ngani bashumayeli."

183 Ngathi, "Qhabo." Ngathi, "Angikholwa ukuthi kuliphutha ukudubula izinyane lenyamazane uma," ngangingumqaphi wezinyamazane iminyaka, futhi ngathi, "uma umthetho uthi ungadubula izinyane lenyamazane, kodwa ungakwenzi nje ukuba ube nonya. U-Abrahama wabulala inkomazi, ithole futhi waliphakela uNkulunkulu. Kulungile ukubulala izinyane lenyamazane uma umthetho usho njalo, kodwa nje ungabulali ayisishiyagalombili noma ayishumi awo ukwenza nje umfo azizwele enony-. . ., e, kubi."

184 Futhi wayenamehlo anjengesibankwa nje, empeleni, yena, futhi u—uhlala njalo. . .Bengingaqondile lokho kanjalo, uluhlobo nje lomfo obukeka eyinqaba, futhi—futhi wayevamise ukufuna ukungenza ngiphatheke kabi ngempela, ngakho wathi kimi. . .Ngolunye usuku wayephezulu lapho, ngenyuka ukuyozingela naye, wayenempempe encane. Wayeqeqeshe lempempe encane, wayekwazi ukuyishaya futhi ikhale njengenyamazane encane eyizinyane ikhalela unina (Niyazi, ukuthi liyini izinyane elincane lenyamazane, umfo omncane.), futhi libiza umama walo. Ngathi, "Bert, ubungeke uyenze into enjengaleyo, ubungayenza na?"

Wathi, "Awu, Billy," wathi, "hlakanipha. Kungaleyondlela ngani bashumayeli, ninenhliziyo yenkukhu kakhulu."

Ngathi, "Qhabo, qhabo, Bert. Lokho a—lokho akulungile," ngathi, "ungakwenzi lokho."

185 Awu, wayengumzingeli omuhle, wawungadingeki ukuba umzingele, wayazi ukuthi wayekuphi. Futhi ngakho, sasiphuma, futhi saba nesikhathi esimnandi ndawonye. Wayengomuhle, o, ungumnembi nje. Futhi ngakho, sa—sasizingela ekuseni. Sasihlala njalo sifaka ushokoledi oshisayo kujeke we-flaski emuva *lapha*, futhi kwakucishe kube amayintshi ayisithupha eqhwa emhlabathini, isimo sezulu esihle sokulandela umkhondo. Sase senyuka sedlula eNotch saze safika ngale ebangeni lePresidential. Kwakuthi akube ngeleshumi nanye nqo emini, futhi kwakuphezulu le ngenkathi yonyaka.

186 Futhi lapho lezozinyamazane ezinemisila emhlophe, ukhuluma ngoHoudini njengengcweti ephunyukayo, ubufanele

ubone enye yazo. Ngakho, zi—zingabaleka ngempela. Futhi ngakho, ihlashana liwugqinsi, futhi zingangena ngaphansi kwezinqwatshana zehlashana eliyivukuzi, nakho konke, bese zicasha ngesikhathi sasemini, bese-ke zidla ebusuku. Ngakho, khona-ke ngeke ziphume, ngaphandle uma nje uzixosha ukuba ziphume.

187 Ngakho, uBert wama endaweni encane evulekile, cishe, o mhlawumbe, enkulu njengephansi elikhulu lalelihholo elikhulu, wama cishe ngeleshumi nanye nqo, futhi waqala ukufinyelela emuva ebhantshini lakhe, futhi ngacabanga, "Awu, isikhathi sizoba nesemishi nje, futhi sizohlukana, futhi uya ngapha, nami ngihambe ngenye." Kade sihamba cishe amahora amathathu noma amane, futhi senyuka intaba ngqo, khona-ke wayezokwehla ngakolunye uhlangothi, futhi mina ngize kwelinye, futhi sasiyohlangana ngesinye isikhathi ngalobobusuku kweyethu—kweyethu ejwayelekile, ikamu eligxunyekiwe.

188 Ngakho ngambona efinyelela emuva, futhi ngangicabanga ukuthi wayelanda ushokoledi wakhe oshisayo, futhi ngenkathi ephuma, wayenalempempe. Ngase ngithi, "Bert, ubungeke uyifuthe leyonto."

189 Wathi, wangibuka ngalawomehlo abukeka eyisibankwa, wathi . . . Futhi wayifaka emlonyeni wakhe *kanje*, wase eyifutha. Kwakuzwakala nje njengezinyane lenyamazane elincane likhalela umama walo. Futhi angizange . . . Angicabanganga ukuthi kuyosebenza.

190 Ngakho cishe ngalesosikhathi, ngaphesheya nje kwendawo evulekile, enkulukazi, umama wensikazi wasukuma; wayeyinto enhle. Futhi wayesondele ngokwenele ngaze ngabona nje awakhe amakhulu, amehlo ansundu. Futhi—futhi ngambuka, wangibuka phezulu futhi wasineka, kanjalo. Ngathi, "Bert, ubungeke umbulale lowomama, ubungambulala na?" Futhi wangibuka *kanjalo*, futhi wehla wase eyifutha futhi.

191 Manje, ngokwejwayelekile, lokho akuvamile ukuba inyamazane idiye yenze lokho. Futhi ngenkathi eyifutha futhi, lowomama waphuma ngqo wangena kuleyondawo evulekile. Manje, lokho kuyaxaka, ngeke zikwenze lokho, ngisho noma ngasiphi isikhathi kul'khuni, ikakhulukazi inkathi yonyaka yokuzingela, emva kokuba izibhamu bezidubula, nezinto. Kodwa waphuma wangena kuleyondawo evulekile. Kwakuyini na? Wayengesuye umzenzisi, wayengumama. Kwakukhona into ethize kuye eyayingeyoqobo, kwakungumama. Ingane yayisenkathazweni, futhi wayefuna ukuthola ukuthi ingane yakhe yayikuphi. Akwenzanga mehluko ukuthi kwakuyingozi engakanani, ingozi ayikhathazanga ngisho ingqondo yakhe.

192 Sengiyawabona lawomadlebe amakhulu manje, emi nje *kanjalo*, lowomlomo uhlafuna *kanjalo*, lawomehlo amakhulu

ansundu eqalaza. Wangibuka phezulu kanjalo, wayeselayisha, asizange silayishe ezibhanyini zethu, futhi ngakho wadonsa, wehlisa leyongcipho phansi kwi .30-06, inhlamvu i-180, ikhowe, wehlela phansi *kanjalo*, ngase ngicabanga, "O, he!" Ngacabanga, "Bert, ungakwenza kanjani na?" Ngathi, "Lowomama oligugu elandela ingane yakhe!" Futhi ngi . . .

193 Wa—wathi nje ukuklolodela, futhi wehlisa ileveli, ukunemba nje. Ngangazi, mfana, phakathi komzuzwana noma emibili uyosakaza leyo eyigugu, inhliziyo ethembekile iphume kuye, ngoba wayengumnembi ngempela. Ngacabanga, "Angaba kanjani ngongcole kangaka na? Nalowomama enikeza lokho kuvezwa kothando lwangempela lukamama!" Ingane yakhe yayisenkingeni, wayengenandaba nakho.

194 Futhi ngenkathi ibhawodi lehla, nesibhamu saphakama, inyamazane idiye yabona umzingeli, yabuka, yase ithuka. *Ukuthuka* kusho, yavele "yagxuma," niyazi, umzuzu nje. Futhi yabuka umzingeli, kodwa yayiyizwile leyongane, futhi yazi ukuthi ukufa kwayo kwakuphezu kwayo ngqo. Kodwa ngabe yabaleka na? Qhabo, mnumzane. Yayibuka ukubona ukuthi leyongane yayikuphi, kuqala. "O," ngacabanga, "ukwethembeka okungaka, ukwethembeka okungaka! Naleyo eyigugu, inhliziyo ethembekile, Bert, uzoyiqhumisa iphume kulowomama, kanjalo na?"

Yena, ngimbonile ehlisa ileveli phansi *kanje*, futhi ngacabanga, "Nje—nje angikwazi nje ukukubuka."

195 Ngafulathela, futhi ngacabanga, ngathi, "Baba waseZulwini, angaba kanjani mubi kangaka, futhi nokho abe yindoda enomoya omuhle ngendlela eyodwa, futhi abe nonya kakhulu enhliziyweni yakhe ukuba aqhumise leyonhliziyo kamama eyigugu iphume ithi ngqu kuye, leyonhliziyo ethembekile ishaya lapho ngaleyongane na? Kanjani, kungani—kungani engenza into enjengaleyo na?"

196 Futhi ngaqaphela, isibhamu asizange sidubule, futhi ngalinda, futhi ngalinda, ngacabanga, "Kungani singadubulanga na?" Ngaqalaza, nombhobho wesibhamu wawuhamba *kanje*.

197 Futhi wangiqalaza, nalawomehlo ayeseguqukile, izinyembezi ezinkulu zazigeleza kwezakhe, zehla ezihlathini zakhe. Waphosa isibhamu phansi, wayesengidumela ngomlenze webhulukwe, wathi, "Billy, sengenele yikho." Wathi, "Ngiholele kulowoJesu okhuluma ngaye."

198 Kwakuyini na? Ubone into ethize yangempela, ubone into ethize eyayingafakwanga, wabona uthando lukamama lwangempela oyohamba ngqo ebusweni bokufa. Kwakungesiyo intshumayelo engangiyishumayela, kwakungesilo iculo elaculwa, kwakungukuvezwa obala kokuthile okwakuyikho ngempela kakhulu, ukuthi wabona into ethize yangempela.

Nalokho kwethembeka kukamama kwahola leyondoda, iyidikoni ebandleni leBaptisti lapho manje. Uthando lukamama lungolwangempela!

199 O, mngani oyisoni, noma lungu lebandla elisivivi, ubungethande ukuba nothando lukaJesu Kristu ukuba uluveze obala ezweni, uthembekile kuKristu njengoba lowomama wayenjalo enganeni yakhe na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ukuthi ngizoba yilolohlobo lomKristu." Phakamisani izandla zenu, ndawo zonke. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. "Ngifuna into ethize yangempela, Mfowethu Branham, ngifuna into ethize ehlala isikhathi eside. Ngifuna ukuba ngumKristu kakhulu impela njengoba leyonyamazane idiye yayingumama." Phakamisani izandla zenu le manje, ukuze ngikhuleke. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

Asikhothamise amakhanda ethu.

200 Baba waseZulwini, izandla beziningi kakhulu angikwazanga ukuzibala, bezikhona yonke indawo, yonke indawo, phezulu kovulandi abasesitezi, nangaphambili, nangemuva, nasemaceleni, futhi o, yonke indawo, macala onke kwiphansi elikhulu. Baphakamise izandla zabo, Nkosi, ngenxa yokuthi ba—bayaKukholwa. Bafuna into ethize yangempela, ba—bafuna into ethize engagqokisiwe, into ethize e—eyiyo ngempela nje. Ngikhulekela ukuthi Ubanike Khona, Baba. Baphe uMoya oNgcwele wangempela. Kwangathi bangabuyela ebandleni labo bejabule futhi bethokoza.

201 Manje, kulotshiwe eZwini, uJohane oNgcwele 5:24: "Ozwa amaZwi aMi," yilokho ebengishumayela ngakho, "futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Manje, Baba, ngibamba lokho, lelo yiZwi laKho, ngiLibamba phambi kwaKho, futhi Wena Onamandla onke, owazi konke, futhi Wazi sonke isandla esiphakamile.

202 Baphakamiseleni isandla sabo na? Ngoba kukhona umoya kubo, futhi kukhona uMoya omi ngakubo othe, "Unephutha, ufuna ukuba yilolohlobo lomKristu. Phakamisa isandla sakho manje, futhi Ngizokusindisa." Base bephakamisa isandla sabo. Benza isinqumo, leso sinqumo besingukuthi bafisa ukuphila impilo ehlukile.

203 Futhi Wena wathi, "Ozwa amazwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Wena futhi wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke uBaba aNgiphe khona, kuyoza kiMi. Ngiyakumnika ukuPhila okuphakade, futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela."

204 Manje, Baba, lelo yiZwi laKho. Futhi njengenceku yaKho kulobubusuku, ngi—ngibiza yonke leyomiphefumulo ibe ngeyaKho, ngiyayibiza, yonke. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi njengoba beze manje kuWe, kuloMthombo ogcwaliswe ngeGazi, ukuthi bazosindiswa ngokuphepha, futhi bazosuka lapha kulobubusuku, futhi bafune futhi bathole umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ozobabeka uphawu basuke ezintweni zezwe. Siphe khona.

205 Sisakhothamise amakhanda ethu, ayikho indawo yokubiza ukubizela e-altare lapha, kodwa nje angazi noma ngabe nonke eniphakamise isandla senu beningama ngezinyawo zenu nje. Nonke nina gcinani amakhanda enu ekhotheme. Vele ume ngezinyawo zakho umzuzu nje. Ngikholwa ukuthi beniqotho. Basukumise, bonke abaphakamile, uma bephakamise isandla sabo, basukume, bonke labo abaphakamise izandla zabo, ndawo zonke. Kunjalo. Yenyuka, ndawo zonke. Yibani nilokhu nimile nje umzuzwana ngomkhuleko. Bonke abaphakamise isandla sabo, sukuma. Kulungile. Ngabe yilokho kuphela manje, wonke umuntu na? Kulungile.

206 EBukhoneni baleNkazimulo yeShekina kaMoya oNgcwele, enikholiwe kuyo manje ngenxa yokushunyayelwa kweZwi, nokubonakaliswa koMoya waKhe, angikholwa, ngiyakholwa nonke ngenhliziyo yami yonke, angikholwa ukuthi uphakamise isandla sakho nje ukuba nje uzijabulise ngokusiphakamisa. Ngikholwa ukuthi usiphakamisile ngoba beniqotho, nikholwe ukuthi beninephutha. Futhi uma uvuma ukuvuma ukuthi unephutha, futhi ume njengoba wenzile manje, khona-ke ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu neZwi laKhe, ogcina lonke iZwi Alethembisa, ukuthethelele isono sakho.

207 Hhayi ngoba uzizwa uthanda, hhayi ngoba ukufanele, kodwa ngenxa yokuthi Wakwethembisa, yiZwi laKhe. Futhi uyavuma, futhi uyazi ukuthi u, ubunephutha, kodwa uyakholwa ukuthi Wafa, nalawo amakhulu, amafu amnyama elenga phezu kwesiphambano ngalolosuku, Wayemi ekwahluleleni kwakho, futhi ngaphandle kwanoma yini nhlobo, uyakwemukela lokho njengokuxolelwa kwakho.

208 Uma uzokwenza lokho, yemukela umusa waKhe ngokuxolela kwakho, ungasiphakamisa nje isandla sakho kuYe, wonke omile na? Phakamisa isandla sakho, yilokho kuphela engikucela ukuba ukwenze, enhliziyweni yakho nje. UNkulunkulu akubusise. Kunamaphesenti ayikhulu, nonke.

209 Manje, ngifuna nina bantu eningamaKristu ukuba niphakamise ikhanda lenu, futhi nje uphenduke futhi uxhawulane nabo bonke abamile, bese uthi, "Siyakwamukela eMbusweni, sihambi esiligugu." Xhawulana nabo, nina maKristu. Batshele ukuthi u—uyabonga kuNkulunkulu. Ngamunye wenu, nithi, "Ya, ngiyabonga." Bamemele ebandleni

lakho manje. Batshele, "Woza ngapha ebandleni lami. Woza ngapha kanye nathi, futhi, ukuze wemukele umbhaphathizo wamaKristu, ukuze wemukele uMoya oNgcwele." Kunjalo. O, Akamangalisi na? Manje, asibonge iNkosi nje manje.

210 Baba waseZulwini, siyaKubonga ngalemiphefumulo. Ngingahle ngingaphinde ngibaxhawule lapha emhlabeni, ngingaphinde ngibe nalo ithuba mhlawumbe, ngithemba ukuthi ngiyakwenza, kodwa uma ngingakwenzi, ngalolosuku lapho inkungu isiphansi, umkhumbi oMdala waseSiyoni uphephetha, lapho siqala ukugibela umkhumbi, ngizohlangana nabo, ngizobabona lapho, Nkosi, namathikithi abo esandleni sabo, uthi, "BengiseLong Beach, Mfowethu Branham, ngalobobusuku bangeSonto."

211 O Nkulunkulu, ngiyojabula kanjani ukwazi ukuthi ngizohlangana nabo lapho! Abasha bayoba badala—abasha bayoba . . . Omdala uyobamusha lapho kuze kube phakade, futhi akusophinde kubekhona ukugula, nosizi, noma ukufa. Kuyoba yisikhathi esimnandi kanjani pho! NgiyaKubonga ngalokhu, Baba. BangabaKho, futhi ngibethula kuWe njengemiklomelo kaJesu Kristu, uMoya waKhe noBukhona baKhe lapha kulobubusuku. Ngibanikela kuWe, Baba, eGameni likaJesu Kristu, ngoba bayizipho zothando kuKristu. Amen.

212 Manje, ningahlala phansi, futhi uNkulunkulu anibusise. Manje, ngaphambi kokuba sishintshe isikhundla somhlangano somugqa womkhuleko, ake sicule kanye nje, nizokwenza, sonke kanyekanye na? Ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda, ngoba Wangithanda kuqala." Kulungile, singacula na?

> Ng'yaMthanda, Ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> KowaseKalvari . . .

213 O, lokho akuzwakali kukuhle yini, bazalwane na? Ngifisa sengathi beningaba phezulu lapha futhi nilalele lokho. Akukuhle lokho na? Manje ngifuna nikhothamise amakhanda enu futhi nilicule, kancane nangobumnandi, ngetena yenu, noma ibhesi, noma yikuphi lapho enicula khona. Licule nje ngemfashini endala, isitayela sasemaphandleni manje.

> Ng'yaMthanda, . . .
> Ngoba Wa . . .
> Futhi wathenga . . . insindiso
> E . . .

214 O, Akamuhle na? O, asiMthandi nje na? Kuyamangalisa! Manje, bangane, ngiyazi ngi—nginihlalise kade kancanyana, kodwa leli yiSonto ebusuku, siphe cishe nje eminye imizuzu eyishumi nanhlanu noma amashumi amabili, sizobiza umugqa womkhuleko.

215 Manje, bangaki okholwayo ukuthi umBhalo ufundisa ukuthi uJesu unguye izolo, namuhla, naphakade na? Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Kunjalo. Uma Enguye izolo...Futhi bangaki okholwayo ukuthi si... sisekupheleni konyaka wabeZizwe na? Bangaki abafundi beBhayibheli, nezandla zenu ziphakeme, niyovayizelisa *kanje*, futhi—futhi akholwe ukuthi Wethembisa ukuthi Uyokwenza izinto ezifanayo kwabeZizwe evala, Azenza kubaJuda na?

216 Niyabo, nakhu okuyikho: Uma uNkulunkulu eke wabizwa enkundleni ukuba enze isinqumo, indlela Akwenza ngayo, UPhakade, kuzofanele kufane ngaso sonke isikhathi lapho Esebizwa futhi. Ngakho ngenkathi Ebizwa emhlabeni ukuba eze emhlabeni, ukuba azimemezele Yena uqobo enguMesiya, ukuqeda unyaka wamaJuda namaSamariya, Uzofanele enze into efanayo lapho Efika kamuva, amaJuda ayeneminyaka eyizinkulungwane ezine, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ekupheleni konyaka ukuba afike enkundleni futhi enze into efanayo. Ngabe kunjalo na?

217 Awu manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele abe ngumgomo ofanayo, ofanayo emandleni, ofanayo ekubonakalisweni, into kuphela ngumzimba wenyama, umzimba waKhe ungakwesokunene sikaNkulunkulu uBaba eZulwini, ehlezi esiHlalweni sobukhosi. Uyakukholwa lokho na? UmPristi oMkhulu, futhi manje uMoya oNgcwele waKhe ulapha, uMoya owawuphezu kukaKristu, okunguNkulunkulu, enyameni yomuntu, inyama yakho, inyama yami, njengoba iGazi lisihlanza. Ushumayela iVangeli ngomshumayeli, uprofetha ngomprofethi, futhi wembula imfihlo, izinhliziyo, ukhuluma ngezilimi, uhumusha izilimi, futhi yonke into ihlelekile. Uyakukholwa lokho na? Kulungile.

218 Kulungile, manje asibize umugqa womkhuleko. Manje, ungitshele ukuthi unikezela ngamakhadi omkhuleko, kodwa ngithi angazi ukuthi ini futhi kuphi. O, Billy, umncane kakhulu, ngihlala njalo ngikugeja. Kulungile, elokuqala kuya ekhulwini, u J. Kulungile. Owokuqala. Asiqale. Ubani ono J, njengakuJesu na? U J buka u, uno *J* nenombolo. U J, wokuqala, ubani onawo na? Phakamisa isandla sakho. Uqinisekile na? Kulungile. Woza ngapha ngqo, nenekazi. Owesibili, ubani ono J, wesibili na? Ungaphakamisa esakho...? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

219 ...impilo yami. Futhi uyisihambi kimi, ngoba nje sibambe izandla zethu, ukuthi besiyizihambi omunye komunye. Manje, angimazi, kanjalo naye akangazi. Kodwa manje, ulapha ngenhloso ethize. Kuyini na? Ngabe uyagula na? Mhlawumbe kunjalo. Mhlawumbe ulapha ngomuny'umuntu, mhlawumbe yinkathazo yasekhaya, mhlawumbe yi—yinkathazo yezezimali, mhlawumbe ngenye into ethize, angazi. Niyabo? A—angazi, uNkulunkulu uyazi.

220 Manje, uma engena lapha, efana ngokwejwayelekile, ezinkonzweni zokuphulukisa, bengiyobeka isandla sami phezu kwakhe, ngithi, "Nkulunkulu, phulukisa owesifazane, ngiyikholwa, ngikucela ukuba kwenziwe kanjalo. Amen." Manje, owesifazane unelungelo lokuhamba futhi akholwe. Uma ekukholiwe lokho, lelo yiZwi likaNkulunkulu, beka izandla phezu kwabagulayo. Ngabe kunjalo na? Ubeyoba nelungelo lokukukholwa lokho.

221 Kodwa manje uma-ke uMoya oNgcwele ufika futhi wembule okuthile kuye okuphansi empilweni yakhe, umtshela ukuthi bekuyini na? Futhi uma Engamtshela, ngokuyikho du, obekuyikho, impela, ubengakholwa ukuthi bekuyoba yini khona-ke. Ngabe kunjalo na? Manje, bangaki owaziyo ukuthi yilokho uJesu akwenza na? Phakamisa isandla sakho. Yilokho Akwethembisa. Yilokho impela.

222 Manje, uma Elapha. . .Manje Ulapha ngesimo sikaMoya oNgcwele. Manje, lena yindawo ebonakala ngasikhathi sinye, njengoba wawunjalo nje umthombo kuJohane oNgcwele 4, isithombe esihle futhi, owesilisa nowesifazane, beqala ukubonana empilweni, lelinenekazi nami, okokuqala empilweni ukuhlangana, futhi manje kukhona lapha lapho esingakaze sibonane khona ngaphambilini. Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, manje, into ethize ibizokwembula ukuthi uzele ini lapha, futhi ubeyokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Ngabe kunjalo, nenekazi na? *Omunye* uzofanele akwembule, *Into ethize* izofanele ifike futhi ikwenze. Akunjalo lokho na?

223 Awu khona-ke, uma Kufika, manje, ubengathi, "Ngudeveli." Khona-ke lokho kukuye. Niyabo? Uma ubengasho ukuthi BekunguKristu, kukhona kuphela, Kuyofanele kube ngamandla okomoya. Uma ethi udeveli, khona-ke uyothola umvuzo kadeveli; uthi uKristu, uthola umvuzo kaKristu. Kodwa uma ubengathi udeveli, futhi KwakunguKristu, khona-ke wenzeni na? Uzibeke uphawu, kuze kube phakade, asuke eMbusweni kaNkulunkulu. Ngabe yilokho uJesu akusho na? "Nxa uMoya oNgcwele efika, khuluma izwi elimelene naWo, awusoze wathethelelwa," akunandaba ukuthi ungubani.

Wena uthi, "Kodwa ngishumayela iVangeli, Mfowethu Branham."

224 Benzenjalo nalabobapristi, bakhuliswa ngezizukulwane zabapristi, futhi babeshumayele iVangeli, futhi uJesu wabatshela ngokuqinile, futhi balahlekelwa izimpilo zabo. Kunjalo. Indlela eyodwa nje eya kuNkulunkulu, yilokho kuphela, leyo yiNdlela yeQiniso nokuKhanya.

Manje, uma beningama khona phandle *lapha*. Awudingeki ukuba ume. . .vele ume ubuyele emuva ngqo ngalendlela, ukuze abantu bakwazi ukukubona futhi bangibone.

225 Manje, ngokuba . . . Manje, lapha kufana nowesifazane emthonjeni. Manje, ngi . . . Akasuye owesifazane, futhi angisiyo iNkosi uJesu, kodwa uMoya waKhe ulapha, futhi Ubezokwazi, angamtshela . . . Manje, uma Eyo . . .

226 Manje, uma besingathi, "Mfowethu Branham, wenzani uJesu lapho na?" Awu, iBhayibheli lathi Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, angazi ukuthi kungani. UBaba waMthumela phezulu lapho, ngoba Wathi kuJohane oNgcwele 5—uJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza." Bangaki owazi lowomBhalo na? UJesu akazange enze neyodwa into, uNkulunkulu waze waMkhombisa embonweni ukuthi akenzeni. Ngabe kunjalo na? UJohane oNgcwele 5:19: "Ngiqinisile, ngiqinisile," *ngokoqobo*, *ngokoqobo*, "Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, ngaphandle lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo."

227 Manje, manje-ke uma lona wesifazane ephakamise isandla sakhe, ukuthi uyisihambi kimi, futhi ngiyisihambi kuye, khona-ke uma uMoya oNgcwele, ngesithembiso saKhe, yilokho enginifundise khona, uzoza lapha futhi uyokwenza into efanayo Ayenza ngaleyonkathi, embule imfihlo yenhliziyo yowesifazane, noma enze okuyikho, futhi amtshele lokho, into ethize ngaye uqobo, futhi makabe ngumahluleli ukuthi ngabe kulungile noma qha, bangaki phakathi lapha abazokholwa eNkosini uJesu Kristu ngokuphulukiswa kwenu na? Futhi manje, ndawo zonke yonke indawo phakamisani izandla zenu uma nizokukholwa. Kukhona okungenani amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu.

228 Kusobala abanye bebengeke bakukholwe, niyabo, akunandaba ukuthi Wenzeni. Akusikho okwabangakholwayo, kungokwamakholwa nje. Kwakukhona abanye ababemi esixukwini saKhe abangakukholwanga. Lokho ngeke kulilimaze ikholwa, qhabo, sebevele bayazi ukuthi kuyiqiniso.

229 Anginamqondo wokuthi yini oyizele lapha kuna—kuna—kunalutho, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi uze ngani lapha. Uma Ezokwembula kimi, khona-ke uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, noma yini Ayenzayo.

230 Manje, yebo, uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, ukuKhanya enikubona esithombeni kumi phakathi kwami nowesifazane. Uyasuka kimi. Okuthi ukudlikiza, ukuKhanya okubenyezelayo.

231 Yebo, ngiyabona, yena, ukuhlolwa kwakhe kukhombisa ukuthi unesisu esivuvukalayo, isisu, unesisu esibi, sivuvukala. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

232 Uyakholwa na? Manje, uthe uzokholwa uma Ezokwembula. Uyakholwa manje na? Khona-ke yena . . . kungukuthi . . . Futhi

manje angazi ukuthi ngimtsheleni, ngoba beKungesimina engimtshelile. Kungukuzinikela kuMoya nje.

233 Manje, ngilokhu ngizwa lokho kuyo yonke imihlangano, omunye uthi, “Ukuqagelile, ukuqagelile.”

234 Awuziqageli lezizinto. Kulungile, bonani uma bekungukuqagela:

235 Kubonakala sengathi ungumuntu omuhle. UngumKristu, ngiyawuzwa uMoya wakho, ngibona ukuthi wemukelekile. Into efanayo uJesu ayisho kuNathanayeli, umIsrayeli. Manje, ake sibone ukuthi noma yini, yebo, ngiyakubona kuza futhi, bekuyisimo sesisu, isisu esivuvukalayo, Washo. Kunjalo, yilokho udokotela akusho, isisu esivuvukalayo. Bese kuthi-ke lapho, nansi enye into, ukuthi unohlobo oluthize lwenkathazo yenanzi. Kunjalo. U—ucabanga ukuthi wuhlobo oluthize lokufana nokwaliwa ukudla, noma uhlobo oluthize lomuzwa olumayo. Lelo yiqiniso, khona-ke. Alikho ikhambi lakho, kunjalo, kodwa likhona kuKristu. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini. . .Ngiyalibona igama lakho kulelophepha lapho, Unalo phambi kwami, ngiyaMbona emi lapho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Nkk. Martin, ungaqhubeka. Sekuphelile manje, ungaya ekhaya, uphiliswe, uyabo.

236 Manje, mgxeki, kuthiwani ngalokho na?

237 Manje, wena kholwa phandle lapho, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Manje, gcinani ngempela, gcinani izikhundla zenu nje, hlalani nithule.

238 Angikaze ngimbone owesifazane, niyabo. Angizange ngimphulukise, uNkulunkulu omphulukisile. Umphulukise kanjani na? Ukukholwa kwakhe uqobo kwakwenzile. Ukuphulukiswa kwase kuvele kuqediwe eKalvari, insindiso yakho yapheleliswa eKalvari. Ukwazi kanjani lokho na? Ngabe kunjalo na? Konke ofanele ukwenze nje ukukwemukela.

239 Manje, nanti elinye inenekazi. Futhi sasi. . .isikhathi sethu sokuqala, siyizihambi omunye komunye. UNkulunkulu usazi sobabili nokho, Akasazi na? Awu khona-ke, uma iNkosi uJesu izokwembula kimi into ethize e—engi. . .

240 Kusobala niyangibona ngithola, ngibukeka kanjalo. Lokho yingoba nje kuthole, kungenze buthakathaka, umbono. Niyabo, izethameli siyazi, noma ubani uyazi, uJesu, owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wathi Wathola, kwahamba amandla. *Amandla* ngu “kuqina,” niyakwazi lokho. NoDanyeli wabona umbono owodwa, wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Awu khona-ke, uma uJesu eyiNdodana kaNkulunkulu, uma owesifazane oyedwa aMthinta, awu, bekungangenzani, niyabo, mina, isoni esisindiswe ngomusa na? Ngoba Wathi, “Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, eziningi kunale niyakuzenza.” IKing James ithi *okukhulu*, kodwa thola

ukuhumusha okujwayelekile, kuthi *okuningi*. Niyabo? "Okuningi obungakwenza," yisithembiso saKhe.

241 Manje, uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma okuthize, njengoba Enza kwabanye abedlulile, ubungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

Ngabe bekungazibangela izethameli ukuba zikholwe ngayo yonke inhliziyo yazo na?

242 Niyabo, uNkulunkulu akakwenzeli ukubukisa lokhu, Wenza lokhu ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Niyabo? Futhi ngiyanitshela, akusimina, angazi neyodwa into, ngibambe isandla sami lapha phambi kukaNkulunkulu naleliBhayibheli lapha, lona wesifazane uyisihambi kimi. Nonke niyizihambi, ngokwazi kwami. Kodwa uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ngoMoya oNgcwele . . .

243 Manje, iBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, laHlulela ngisho imicabango yenhliziyo." Manje, uJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, WayeyiZwi, Wayengenjalo na? Yingalesosizathu Wayekwazi ukwehlulela imicabango, abone, kanjalonjalo, Waye—WayenguNkulunkulu-mProfethi. Yingalesosizathu abaprofethi, babekwazi kanjani ukwehlukanisa na? Ngoba babeyiZwi likaNkulunkulu. "IZwi likaNkulunkulu leza kumprofethi." Kunjalo, izethameli na? Niyabo?

244 Manje, uma iZwi likaNkulunkulu lisalokhu lifika, khonake iZwi likaNkulunkulu lingakwazi, amaHeberu athi, "IZwi likaNkulunkulu linguMahluleli wemicabango," iZwi laKhe, isithembiso saKhe singena enyameni yomuntu siyenza ibe nguMahluleli wemicabango yenhliziyo.

245 Manje, awukho lapha ngesingawe, omunye umuntu omzele lapha, umyeni wakho. Kunjalo, akunjalo na? Usesimweni sokufa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Umdlavuza wesinye. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa na? Ngizokhulekela into efanayo. Mangibeke izandla zami phezu kwakho, futhi umele yena.

246 Nkosi Jesu, sindisa lendoda, yenza kufezeke, Baba, ngiyacela, ngokuzithoba, njengenceku yaKho, eGameni likaJesu. Amen.

247 UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Manje, ungangabazi. Uyakukholwa lokho manje na? UJesu wathi, "Njengoba ukholiwe, kuyoba njalo nakuwe." Yiba nokukholwa.

248 Akekho oyoke azi ukuthi lokho kwenzani kuwe. Niyabo? Manje izethameli zibonakala nje ziphuphuthekile kimi. Niyabo? Manje, yibani nokukholwa nje manje, futhi makuthi . . .

249 Ngabe ungumuntu olandelayo na? Wena nami siyizihambi, ngiyethemba, komunye nomunye. [Udade uthi, "Ngaba

semgqeni wokuphulukisa ngaphambilini."—Umhl.] O, uke waba semgqeni wokuphulukiswa—emgqeni wokuphulukiswa ngaphambilini, kwenye indawo. Kwelinye idolobha elithize, noma . . . ? KuLake Street, eCalifornia, e . . . O—o, ngikukhulekele ngaphambilini eLake Street. Sekuyisikhathi eside kangakanani na? O, sekuyiminyaka eminingi eyedlula. Ngakho-ke besingeke sazane na? Qhabo. Kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangazisa *into ethize enye* . . . ? Ngabe Ufike . . . ? Kusobala Ufika ngendlela efanayo, indlela okwakuyiyo. Khona-ke ulapha ngokunye okuthize manje. Manje, ubuyoba nokukholwa khona-ke, ubungeke na? Unokukholwa, kulungile, uma iNkosi izokwembula. Kulungile. Ngethemba ukuthi 2Izokwenza.

250 Awukho lapha ngesingawe ngalesisikhathi, ulapha ngenxa yomunye umuntu, umfowethu, ogula kakhulu, kakhulu, eseseduze kokufa. Futhi ngizonitshela into ethize oyaziyo, ukuze ungikholwe ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe, ngiyaxolisa. Lelogama elithi *mprofethi* liyababhadazelisa abantu, niyabo, yingalesosizathu ngi . . . Kodwa, Ngumkakhe, usesimweni esibucayi. Usezoba nokuquleka kwemizwa, ngenxa yokumlinda. Unomuzwa oxakile ngempela kuwe manje, awunawo na? Thatha leloduku elisesandleni sakho, ngenkathi lowomuzwa usephezu kwakho bese ulibeka kuye. Bazosinda. Ungangabazi. Amen. UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, namanje na? Ungangabazi, yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

251 Ohlezi khona lapho, umfutho wegazi uphansi, inenekazi lingibuka. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Kulungile, kulungile, Usevele ukubizile, ngiyakubona manje. Ufanele uthathe ukuthekelelwa ngegazi. Kunjalo. Kodwa ngenkathi ngikhuluma nalowo wesifazane, kukhona okwenzekile kuwe, umuzwa oxakile ngempela wedlula phezu kwakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, lelinenekazi elincane elihlezi khona lapha ngaphambili. Kulungile. Futhi uthe phakathi kwenhliziyo yakho, "Nkosi, makube yimi, kulobubusuku." Manje, sukuma uma lezozinto ziyiqiniso, sukuma ume ngezinyawo zakho. Izinkathazo zakho seziphelile manje, uJesu Kristu uyakusindisa.

252 Ngifuna ukubuza izethameli into eyodwa: Uthinteni lowo wesifazane na? Angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami. Uma siyizihambi, vayizelisa isandla sakho, komunye . . . *kanje*, Dadewethu, vayizelisa isandla sakho *kanje*, ukuze abantu bazi ukuthi siyizihambi, angikwazi.

253 Uthinteni na? UmPristi oMkhulu. Uqhele ngamayadi angamashumi amabili kimi. Akazange angithinte, ungithintile na? Kodwa uthinte *Into ethize* ekhulume ngami, futhi yamtshela

ukuthi ubekhuleka mayelana nani, ukuthi utheni, nokuthi uzizwe kanjani. Ngabe kunjalo na? Uyakholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho na?

254 Manje, unganyakazi, ngiyacela unganyakazi. Niyabo, uma nenza lokho, niyabo. . . Niyawabona lamadoda emi *lapha* na? Abhekisisa wonke umnyakazo engiwenzayo, futhi athi nje angabona ukuthi nginokwenele, azongithatha angisuse emsamo. Ngakho, uku—ukunyakaza, kuyaphazamisa. Niyabo, ngixhumana nomoya wakho, yilokho engi—engizama ukukwenza. Ngilapha ngizama ukukusiza. Uma u. . . Akukho lutho olungeke luhambe kabi, uzobamba ibhasi lakho, hlala uthule nje. Lindani nje, ababili noma abathathu nje ngaphezulu, noma okuthize, makube. . .

Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma. . .

255 Bangaki lona osedlule na? Ngabe bekwenele yini ukuba kube yisiqinisekiso na? [Umfowethu uthi, "Babili."—Umhl.] Babili? Nje, ngicabange ukuthi bengine. . . kube yidazini eledlulile, manje. Awu, ngazizwa kaningi, mhlawumbe yimina nje. Kulungile.

256 Wena, Dadewethu, uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho, Uyayazi inhliziyo yami. Kodwa uma Ethanda, ngale kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, thina siyizihambi omunye komunye, Azembule kithi, kuzokwenza ukholwe na?

Ngabe kuzokwenza izethameli zikholwe na? Kulungile. Bangaki owaziyo ukuthi ngi. . . akunakwenzeka nhlobo kimi ukuba ngenze lokho na? Ake sibone izandla zenu. Niyabo?

257 Manje, nezandla zenu ziphansi, bangaki abaKwemukelayo ukuthi nguJesu Kristu ngokwesithembiso saKhe neZwi laKhe na? Phakamisani izandla zenu. Niyabo? Lelo yiqiniso, mfowethu, dadewethu. Nginitshela iqiniso, niyabo, leli yiZwi laKhe. Mhlawumbe okuxakile kancane kulokho osewake wakubona, kodwa yisithembiso saKhe, Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

258 Anginalwazi ukuthi uzele ini lapha. Angikaze ngikubone, ngakho ngakho-ke bekunga. . . A—anginawo umqondo wokuthi uze ngani lapha, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi uzele ini lapha. Uyakwazi, Uyangazi, U—Usazi sonke. Ngabe kunjalo na? Kodwa uma Ezongembulela okuthile ngawe engingakwazi, khona-ke uzokwazi ukuthi kuvela kuYe. Ubunento efana nesifo sohlangothi, iyakukhathaza. Kunjalo. UngowaseSweden, awunjalo na? Tack så mycket. Bengiwabona lawomanzi egingqika, futhi bengingakwazi ukubona lapho owawuvela khona. Yebo. Ubenengozi futhi yakushaya yakukhipha, futhi ubungekho isikhashana impela, izinsuku eziningana. Futhi khona-ke u, usalokhu unemiphumela emibi kuyo. Ngeke usaba nakho, lokho kuphenduke kwakhanya ngakuwe ngqo,

uJesu usekuphulukisile manje. Hamba ngendlela yakho, futhi usindiswe.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

259 Manje, wena uthi, "Ubuka labobantu ngqo, Mfowethu Branham, ufunda umqondo wabo."

260 Anginjalo. Lapha, woza lapha, nenekazi, thinta isandla sami. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ngibuka *ngapha* ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela, ungeke na? Khona-ke inkathazo yakho yenhliziyo isikushiyile, hamba nje endleleni yakho uthokoza.

261 Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Lapha, iBhayibheli lathi iNgelosi ezansi lapho eyayinguMuntu owayegcotshiwe wayebizwa ngo-Elohim, ukuthi Wayefulathele ithende. Ngabe kunjalo na? Kuthiwani uma ngifulathela, futhi ukhuleke na? Ngibona i . . .

